# UNKULUNKULU EZIFIHLA EBULULENI

Ngiyabonga, mfowethu. Sanibona kusihlwa. Kuyinhlanhla ukuba lapha, kulobubusuku, kulesisikhathi esihle senhlanganyelo. Kubonakala nje kuyikho ngempela, ukuthola ukuzwa izimfakazo zabanye abantu abasijabulelayo lesisibusiso esihle, esihlanganyela ndawonye ngezehlakalo zethu, kulobubusuku. Futhi manje mina, futhi, ngifuna ukubonga uMfowethu Shakarian, nabaningi i . . . loMfowethu Danny, nabaningi kakhulu abanye olapha, engingakwazi ukubiza igama labo, ngokungimemela kulomkhandlu omuhle wezikhulu zesonto lapha e—eAlbuquerque.

2 Ngicabanga ukuthi uma besingakwenza, ngezinye izikhathi, ekuhleleni umkhandlu wenu olandelayo wezikhulu zesonto, uma beningathumela omunye angene, nohlobo lokuthi ukuhambahamba emabandleni, imvuselelo encane, akhulekiswe, futhi elindile, futhi ephansi kwamathemba emabandleni, noMoya kaNkulunkulu wonke unyakaza, bese-ke kungenwa kokunye kwalokhu, khona-ke ngempela ninokuthile ngempela. Si . . .

Ninokungenzeka lapha. Ni—ninabanye abantu abakahle.

3 Ngithola ukuthi, nomaphi la engiya khona, kade ngijikeleza, kancanyana impela manje, iminyaka embalwa edlule, ngijikeleza, ngijikeleza umhlaba, ngishumayela. Futhi ngithola ukuthi, ndawo zonke, uNkulunkulu unabantu abakahle kulesisehlakalo esimangalisayo. Ngiphuma ngiye le emenweni eAfrika, naseNdiya, neziqhingi, ngithola abantu ongazi ngisho nokuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele; bengakaze bezwe ngeGama leNkosi uJesu; bengazi lutho ngaLo, nhlobo. Nento eyisimanga, ngenkathi bemukela uMoya oNgcwele, baziphatha nje ngendlela efanayo eniyenzayo khona manje. Niyabo? Ba . . . Ningakubona kuyi—kuyinto ethize ngempela. NoNkulunkulu uyabathanda, uyabaphilisa.

4 Manje, lomkhandlu wezikhulu zesonto wosomabhizinisi, yileyonto kuphela engizixhumanisa nayo, mayelana nenhlangano yomhlaba. Kungenxa yalokho, ngake ngaba . . .

5 Kade ngihlezi lapho, uMfowethu Crow nami, ngikhuluma ngemuva leBaptisti yethu. Ngagcotshwa, ibandla leMissionary Baptisti. Kodwa manje-ke, kusobala, nxa kufika isehlakalo, sikaMoya oNgcwele, awu, lokho kuxazulule lokho khona manje. Futhi ngakho si . . . Akulutho okumelene nalabobazalwane phakathi lapho. Kunamanye amadoda akahle phandle lapho

kuleyondawo, naphakathi kwawo onke amabandla, amahlelo. Kodwa siwathokozela kakhulu.

6 Lesi bekuyisikhathi esikhulu kimi. LeBusiness Men ibeyinto engi . . . inginike indawo yokukhulumela.

7 Manje, ngenkathi ngizwa igama, "phentekoste," ngani, ngalizwa igama, base bengitshela, "Kwakuyisigejane sabagingqiki abangcwele begingqika beya phansi-naphezulu kwiphansi lendlu, begxaza amathe na—nayo yonke into." Kodwa nga—ngathola ukuthi lokho kwakungenjalo.

8 Kwase kuthi-ke, kodwa ngenkathi ngithola, ngifika phakathi kwabo, babe—babehlukene futhi njengeziningi izinhlangano ezehlukene njengoba thina maBaptisti sasinjalo. Nje, babe nje . . . Ngacabanga ukuthi bayiqembu elilodwa nje. Kodwa ngithola ukuthi, nje kunazo zonke izinhlobo zamaqembu, eqophisana omunye nomunye ethi nje awabe mabi njengoba sinjalo thina maBaptisti nathi sonke abanye bethu. Futhi sithi nje asifane.

9 Futhi manje-ke—manje-ke, esikhundleni sokungena futhi ngijoyina noma iAssemblies, noma iUnited, noma ichurch of God, nawo onke amadoda akahle kakhulu, onke amaqembu, ngavele nje ngama phakathi kwawo, ngase ngithi, "Singabafowethu. Asingaphikisani, omunye nomunye." Manje, uma uSathane engasigcina silwa omunye nomunye, akadingi ukulwa. Niyabo? Kodwa uma siziqeqeshela kuye izibhamu zethu, futhi sizisuse komunye nomunye, sihambe sithandana, sihlanganyela omunye nomunye, khona-ke isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siyoqala.

10 Kodwa leyo bekuyinhloso yami. Neqembu leChristian Business Men's Full Gospel lapha belingumthombo wasogwadule kimi, ukuba sihlangane. Ngoba, futhi baxhasa eminingi yemihlangano yami. Futhi leyondlela i—i . . . Abantu bakubo, ukusindisa ubuso babo, kuzofanele kungenwe, niyabo, ngakho kwe—kungenzele into enkulu lapha kulesisizwe, kuleUnited States.

11 Manje, ziyi 5, 6, ngiyazi ukuthi ngi . . . Kulungile ukusho okuthize ngomhlangano na? [Umfowethu uthi, "Impela."—Umhl.] Ya. Kwakukhona ziyi 5, 6, namhla ziyi 7; 5, 6, 7, naziyi 8 zikaJuni, sinomkhankaso eTucson, endaweni lapho bebamba khona i ban- . . . idili lesidlo seBusiness Men. ["Ramada Inn."] eRamada Inn. Ihlala cishe abantu abangamashumi amabili-nanhlanu, amakhulu angamashumi amathathu-nanhlanu, yonke ifakwe izishayisamoya.

12 Futhi manje, njengesikhulumi, noma ubani ongaziyo, uyazi ukuthi angisiso isikhulumi. Kuphela ngine—nemfundo yasesikoleni yokukhulunywa nokubhalwa kolimi, naleyo ngencane. Nginebanga lesihlanu kuphela. Futhi ngakho mina, mayelana nokuthi, "umshumayeli," niyazi angisuye. Kodwa nje

ngenza umsindo ojabulisayo eNkosini, bese kuthi-ke ngizame ukunihlephulela lokho engikufundile ngaYe, nabanye.

13 Ubizo lwami empilweni ngumkhuleko wabagulayo, ngikhulekela abagulayo. Yilokho iNkosi engibusise ngakho, imihlangano emikhulu, ngihola abantu. Inombolo enkulu kunazo zonke esengake ngaba nayo ngesikhathi esisodwa emhlanganweni owodwa vo, wawuseBombay, izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu emhlanganweni owodwa.

14 Bese kuthi-ke, eAfrika, ngiyakholwa, uma sibale abaphendukile bomdabu boblankethe, abahedeni, ababengazi ukuthi kwakuyisiphi isandla sokudla nesokunxele, sasinezinkulungwane ezingamashumi amathathu zabo ngesikhathi esisodwa, bemukela uKristu njengoMsindisi, ngesikhathi esisodwa. Ngokhubazekile, umfana oyimpumputhe, engaphilile ngisho nangokwengqondo, umuntu wesihlanu emsamo. Futhi ngenkathi uMoya oNgcwele . . .

15 Futhi ngibone odokotela bezokwelapha, njengalodokotela wezokwelapha okahle, emizuzwaneni embalwa edlule. Ukuba ngangikulelidolobha, futhi ngigula, futhi ngangidingeka ngibe nokunakwa ngokwelashwa, ngangiyofuna indoda enjengaleyo ukuba ingisebenze, leyo emkholiwe uNkulunkulu. Ukuba ngangidingeka ukuba ngibe nosizo lwayo lwezemithi, impela bengiyofuna indoda ekholeliwe kuNkulunkulu njengaleyo. Eyangempela . . . Ninenhlanhla lapha, edolobheni, ukuba nodokotela onjalo, indoda emesaba ngempela uNkulunkulu, emethembayo uNkulunkulu ngesandla saKhe kwadokotela, kumbe noma ngabe yini akwenzayo. Ngi—nginokuyethemba indoda enjalo. Ngibabonile odokotela bezokwelapha beza ngaphambili futhi—futhi benikela ngezinhliziyo zabo kuKristu, futhi beba yizithunywa zenkolo phandle emenweni. Futhi ngi—ngiyakuthokozela ngempela.

16 Manje lapha, futhi ekhaya eMelika, ngihamba ngijikeleza, ngibe nenkonzo encane yokuphilisa, ngikhulekele abantwana bakaNkulunkulu abagulayo. Futhi ngiyalithokozela ithuba, kakhulu impela.

17 Ngakho uma ukhona, ngapha, eduze kwaseTucson, ngoJuni 5, 6, 7, namhla ziyi 8, umkhandlu wezikhulu zesonto lapho uzowuxhasa, manje, ngokwazi kwethu. Nayo yonke iAssemblies of God, ngicabanga ukuthi kunamahlanu noma ayisithupha, ama-Assemblies of God ayisikhombisa. Namaningi enye, ichurch of God, kanjalonjalo, bonke bangenela inhlanganyelo yobunye balomhlangano. Manje, uma u . . . uma . . . Ngicabanga ukuthi kwazisiwe. [Umfowethu uthi, "Ungale eRamada Inn futhi."—Umhl.] IRamada Inn yilapho ozobakhona. UMfowethu uStromei, a—angazi ukuthi lipelwa kanjani, kodwa uyi . . . Nikubona kwi *The Mens' Voice* lapho. Anganikhanyisela kakhulu ngawo, ngokuqhubeka kwesikhathi.

18 Ngiyahamba manje, khona nje, ngiyongena eAlaska, ukuyohlela umkhandlu wezikhulu zesonto enhla lapho eAnchorage.

19 Futhi ngakho manje-ke ngenyukela eYukon, mayelana nelinye iviki noma izinsuku eziyishumi, nasenhla ezindaweni ezincane ezikude le. Lapho, abefundisi, njengamadoda amakhulu, njengo Mfowethu Oral Roberts noTommy Osborn, namanye alawomadoda analezozinkonzo ezinkulu ezigqamile, abakwazi ukufika kulezozindawo. Ngeke ba—bakukhone. Ngeke nje bathatha lesosikhathi esingako.

20 Awu, ngizame ukugcina, leyonkonzo encane iNkosi enginika yona, ngizithobe. A—a—angi . . . Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami. A—a—anginazinhlelo zokuxhasa. A—anginanto engingayidayisa. Ngi—ngi—ngifuna nje ukuyigcina ukuze uma—uma iNkosi ifuna ngiyoshumayela eshumini, ngingahamba. Futhi uma Ifuna ngiye phesheya kwezilwandle, Iyoyixhasa. Ngakho ngingaya nomaphi lapho Ingiholela khona. Ngi—ngithi ukukuthanda ngaleyondlela. Futhi angidingi ukuba ngibe nenqwaba yemali, noma lutho. Ngifuna nje izibusiso zeNkosi. Ngakho nje ngikhulekeleni, uma nithanda. Lokho ngukuthi, bengicabanga ngenkathi ngi . . .

21 Kungekudala, ngamenywa ngowethu oligugu, umphefumulo oyiqhawe, uMfowethu Oral Roberts. Ngangimi endaweni yakhe lapho. Ngikholwa ukuthi wathi yayibiza cishe izigidi ezintathu zamadola, isakhiwo noma okunye. O, he! Ngike ngaba seHollywood, futhi ngakhulekela uKing George esigodlweni, noGustav enhla eSweden, nezindawo ezehlukene, futhi ngibe kwezininginingi izindawo, inhlanhla yokuba lapho, futhi ngibone okuningi, kodwa akaze ngisibone isakhiwo esinjengaleso. Futhi ngenkathi ngingena, kwakunabantu abaningi kakhulu emnyango, amaphoyisa ayedingeka angijikise bese engikhipha ngendlela engemuva, ngilindile, ngiphumela umkhuleko wabagulayo. Futhi ngenkathi ngiphuma ngendlela engemuva, uMfowethu Fisher wangikhipha, emva kokuba esengibonise sonke isakhiwo, ngenkathi ngimi phandle lapho futhi ngibuka phezulu kuleso esikhulu, isakhiwo esikhulukazi.

22 Ngangisanda kuphuma nje kuMfowethu Tommy Osborn. Bobabili labobafana bathi beza emhlanganweni futhi wayegqugqumezekile. Ngibonga iNkosi, khona-ke, ngokungivumela ngibe nengxenye encane enkonzweni.

23 Futhi ukuthi waba kanjani uMfowethu Osborn, ukuthi ufika kanjani lapho ngalobo busuku, futhi wabona lolohlanya lugijimela emsamo, ukuba lungibulale. Lwase lweneka izingalo zalo, lwase luthi, "Ngizokwephula onke amathambo emzimbeni wakho."

24 Ngathi, "Ngoba uphosele inselelo uMoya kaNkulunkulu, kulobubusuku, uzowela ezinyaweni zami."

25 Lwangiphimisela ebusweni. Lwathi, "Ngizokukhombisa ukuthi izinyawo zikabani engizowela kuzo." Lwase lukhokha isibhakela ukuba lungishaye.

26 Ngase ngithi, "Sathane, iyeke indoda." Yashaya inzululwane, izungeza, yase iwela ezinyaweni zami. Namaphoyisa adingeka ayigingqe ayisuse.

27 UTommy Osborn wathi, "Uma uNkulunkulu engenza lokho ngomuntu oyedwa, Angakwenzela omunye." Futhi ngakho . . .

28 NoTommy Osborn, umphefumulo oyiqhawe, indoda ngempela! Ngike ngaba sezansi endaweni yakhe enkulu lapho futhi ngasibona isakhiwo sakhe esikhulu.

29 Ukuza neno ukubona uMfowethu Oral Roberts. Manjeke ba . . . ngaphuma, ngengemuva. Babezojika ngale bese bengithatha. Ngangibuka leso esikhulu, isakhiwo esikhulukazi. Ngacabanga, "O, he! Buka uMfowethu Tommy, Nkosi, ukuthi Umbusise kanjani." Ngabuka ngapha ngase ngibona esikaMfowethu Oral. Ngathi, "Cabanga nje ukuthi uNkulunkulu angenzani ngencane eyodwa, indoda ezithobile! UOral Roberts, wazalelwa emphemeni ongumgodi wokucasha, ngiyacabanga, phandle lapho. Oyedwa umfana ozihluphekelayo omdadlana, futhi wakwazi ukumupha izigidi zamadola ezandleni zakhe, nezinto."

Manje, Into ethize yathi kimi, "Awu, uthini ngawe na?"

30 Ngacabanga, "Awu, qhabo." Ngacabanga, "Mfana, impela bengingabanamahloni ngomunye wabo ukuba beze endaweni yami. Nginomshini wokuthayipha owodwa ohlezi ekupheleni kwesakhiwo. Manje, uMfowethu Oral wayene, ngiyakholwa, imishini engamakhulu amahlanu yeIBM kwiphansi lendlu elilodwa." Ngacabanga, "Yonk'into ayikaze ithintwe ngisho nangezandla zomuntu, kuphakeme *kangaka*." Ngacabanga, "O, he! Ukuba wayeze endaweni yami, athi, 'Ngithanda ukubona iofisi lakho, Mfowethu Branham.' Uuuuh!" Ngacabanga, "Bengingazizwa nginamahloni ngami uqobo." Ngacabanga, "Awu, Nkosi, mhlawumbe—mhlawumbe Awungethembanga. Mhlawumbe bengingeke ngizenzele ukuba ngibe yilokho." Ngathi, "Qhabo. Nkosi, Wena ungongenasiphelo. Uyazi anginabo lobobuhlakani obungako." Ngacabanga, "Buka ukuthi banafa lini!" Ngacabanga, "Awu, ngiqagele anginakho okuningi kakhulu."

31 NeNto ethize yathi, "Buka phezulu." Ngakho ngenelisekake kahle kakhulu. Ngibheke uMuzi oMakhi noMenzi waWo nguNkulunkulu.

32 Manje, angimelene ngalutho nalababafowethu uNkulunkulu ongabethemba kanjalo, kodwa ngi—ngiyabathanda. Futhi ngibonga uNkulunkulu ngokwenza lokho enzela amadoda amakhulu anjalo.

33 Kodwa, okwami, lokho bekungangikhathaza kuze kube sekufeni, awu, ukuba ngangingaba namashumi amabili, amadola ayizinkulungwane ezingamashumi amathathu ngosuku, ukuphatha ibhizinisi. Uma ngithola okwenele kwabantwana bami abathathu, nomkami, nami, ukuba sidle, nendawo yokulala, lokho kungenele kahle. Bese-ke uma iNkosi ifuna ngiye ndawondawo, lezi ezincane, izindawo ezithobileyo, khona-ke ngingahamba. Mhlawumbe Ingigcine ngaleyondlela, niyabo.

34 Bengingeke ngahlangana nabantu abahlangana nabo. Anginabo lobo buhlakani. Anginayo imfundo. Ngakho, ngiyahamba, ngikhulekele abantwana baKhe abagulayo, futhi ngithemba ukuthi ngoluny'usuku, ezigodlweni Phezulu, ukuthi sonke singahlangana futhi, lapho esingasoze sagula khona, ingasekho imihlangano yemikhuleko kungasekho ukushumayela ezonini. Kuze kube yilesosikhathi, ngingumfowenu kuKristu.

35 Manje, amateyipu eyenziwa lapha, wona, ningaba nawo lapho. Mnu. Sothmann, ngapha. Sebevele bawenzile. Masinya nje emva kwenkonzo, ningaba nawo. Anidingi ukuba niwalinde. Akhona lapho, ningaba nawo.

Futhi, manje, ningikhulekele.

36 Futhi manje, kulobubusuku, uMfowethu Shakarian ungitshele ukuthi ubezongidedela kuse eli. Ngiqagele lokho kusho ukuthi, "ngiphume kuse eli." Futhi ngi—ngizokwenza ngawo onke amandla ami ukwenza lokho. Nalolu kungoLwesihlanu lukaGudi, futhi ngicabangile, kulokhu ukusa, thatha . . .

37 [UMfowethu Demos Shakarian uthi, "Bangaki abafuna uBranham nje athathe isikhathi sakhe esicacile, nokho, angajahi na?" Ibandla lenanela ngehlombe futhi lithi, "Amen."—Umhl.] O! Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga. ["Kulungile. Angifuni nisole mina."] Qhabo, mfowethu. Mfowethu Shakarian, bengingakuqondile lokho ngaleyondlela. Niyabo? Ngi . . . ["Sifuna—sifuna ukuba uthathe isikhathi sakho nje, Mfowethu Branham. Sinobusuku bonke lapha."] Ngiyabonga. Ngiyabonga. ["Lapho kukhona iNkosi, kukhona ukuthula, kunenduduzo, futhi kunokuphumula."] Ngiyabonga.

38 Mina, ngezinye izikhathi, ekukhulumeni, uma ngixubanisa amazwi ami onke, kungikhumbuza nje ngendaba encane engake ngayizwa ngesinye isikhathi, yomfana omncane. Umfundisi wayeza ekhuphuka nge—ngendledlana, futhi wezwa umfana omncane ngale ekhoneni, esho osonhlamvukazi, "A, B, C, D . . . " Wayesemlalela. Wayephakamisele izandla zakhe ngaseZulwini. Wathi . . . Emva kokuba eseqedile ngalokho, wasukuma, wafaka isigqoko sakhe.

39 Wathi, "Ndodana?" Waphenduka wayesebuka. Wathi, "Ngingumfundisi." Wathi, "Ngikuzwile, uguqe ngamadolo, uphakamise izandla zakho, usho osonhlamvukazi."

40 Wathi, "Mnumzane," wathi, "Ngakhuliswa ekhaya lamaKristu. Ubaba nomama bobabili babulawa, masinya. Ngakhishwa." Wathi, "Indoda engihlala nayo inesihluku kabi kimi!" Wathi, "Bengikhulekela yona nje. Angazi ukuthi kukhulekwa kanjani." Wathi, "Bengibasho bonke nje osonhlamvukazi, futhi ngacabanga ukuthi mhlawumbe uNkulunkulu uzoqonda ukuthi bahlanganiswa kanjani."

41 Ngakho mhlawumbe nje nicabanga into efanayo kimi, ukuthi—ukuthi mhlawumbe Uzoqonda futhi abahlanganise ngezindlela ngangokuthi nizoqonda e—empokophelweni ne... enginakho enhliziyweni yami ngakulokho engikushoyo.

42 Angikaze ngithande uku—ukuzama ukuxakeka phakathi kwamadoda, ngoba kade ngiphakathi kwamadoda. Nginento eyodwa kuphela engiyibonayo, nalowo nguKristu, futhi Yena ebethelwe. Ngibona iBandla engilithandayo, Alifelayo. Futhi nginentshisekelo impela yaleloBandla. Futhi nge—ngenza okwedlula konke engingakwenza ukuLigcina ngalokho engicabanga ukuthi kuhamba ngokwenqubo ngqo, kusemgqeni neZwi likaNkulunkulu. Futhi, manje, ngibheke usuku lumbe ukuluhlala iPhakade elingenamkhawulo nani, ngale eZweni lapho esiyohlala khona sizungeze njengoba besinjalo kulobubusuku.

43 Njengoba ezikhathini eziningi ngibuka lapho sinokudla kwasekuseni nokudla kwakusihlwa, nezinto ezinjalo. Manje, ngingumningizimu. Futhi kusalokhu ku "ngukudla kwakusihlwa" kimi. Bakhuluma ngalokhu lapha ukudla kwasekuseni, ilantshi, nedina. Ngi—ngingeke ngakwenza lokho. Manje kuba yini ukudla kwami kwakusihlwa na? Niyabo? Ngi—ngi—ngi nje... Ngifanele ngibe nokudla kwakusihlwa. Kunjalo. Ukudla ilantshi nje ngeke kungisize ngalutho. Ngi—ngifanele ngidle kathathu ngosuku.

44 Kodwa, ngakho, ngiyacabanga, njengoba ngibukile. Bengixhawulana namanye amadoda lapha, abefundisi asebekhulile cishe owayesensimini ngenkathi ngiseyisoni. Ngase ngibabuka, futhi ngicabanga ngokubona ubumpunga ezinweleni zabo. Ngiyacabanga, "He! Lawomadoda yayiphandle lapho, elwa, ngaphambi kokuba ngisho ngize ngiphenduke. Anginamsebenzi ngimi lapha emsamo, ngikhuluma emadodeni nje anjengalawo." Bese-ke ngibuka phandle...

45 Awu, into kuphela abayenzile, ba—baprofetha futhi bathi lezizinto ziyofika. Futhi ngifuna nazi, bazalwane, ngicabanga ukuthi navele nje—navele nje nabeka amatshe esisekelo se... futhi nephula amasimu.

46 Nina bafowethu bephentekoste enama phandle lapha nesigujana itamborini esandleni senu, ngenkathi naningenalo ibandla enaningaya kulo, ngenkathi abantu behleka futhi benijikijela ngamaqanda abolile, futhi nanilaliswa ejele ubusuku bonke; nephule ummbila emizileni kaloliwe, abantwana benu babelamba. UNkulunkulu awubusise umphefumulo wenu oyiqhawe! Nifanele nibe lapha, hhayi mina.

47 Kodwa nanithe kwakuyofika isikhathi lapho lezizinto ziyokwenzeka khona. Ngiyajabula ukunibona niphila ukuba nikubone kwenzeka. Ingxenye akaze ixoxwe namanje. Futhi ngi—ngiyanithakasela.

48 Ngibuka phansi etafuleni bese nginibona, abehlukene. Ngiyacabanga, "Ngingahle ngingaphindi ngidle ukudla kwakusihlwa nani futhi lapha emhlabeni. Kodwa ngoluny'usuku, uma ukuphila sekuphelile, siyodla ukudla kwakusihlwa futhi, kunjalo, phezulu lapho eNdlini kaBaba, lapho sibuka ngale kwetafula bese sibonana." Sisenkundleni yempi manje. Sifanele sisheshe sidede. Kodwa sengathi ngiyabona nje ukuthi kuyoba njani uma ngibuka ngale kwetafula futhi ngibone bonke abahlengiwe behlezi lapho, ngifinyelele ngale bese ngibamba isandla sakho. Siqale ukukhala. Sifanele. Khona-ke iNkosi iyophuma bese izesula zonke izinyembezi emehlweni ethu, ithi, "Ningakhali, bantwana. Sekwedlule. Ngenani ezintokozweni zeNkosi elungiselelwe nina selokhu kwasekelwa umhlaba." Imehluko yethu emincane iyoshabalala-ke. Futhi kuyoba nePhakade elilodwa elikhulu. Ngifuna ukuLihlala nani.

Asikhuleke manje sisakhothamisa amakhanda ethu.

49 Baba wethu waseZulwini, omkhulu, Jehova onamandla Owadumisa okwezulu ekuqaleni futhi wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwaba-khona ukukhanya. O, dumisa okwezulu futhi, Jehova! Phosa ukuKhanya phezu kwezindlela zethu, kulobubusuku. Phosa ukuKhanya phezu kweZwi laKho. Phosa ukuKhanya phezu kosuku esiphila kulo. Thumela ukuKhanya. Siphe khona, Nkosi.

50 Busisa abantu baKho ndawo zonke emhlabeni jikelele, lapho imililo yezimvuselelo ivutha khona emaqeleni, ezweni labahedeni emhlabeni jikelele. Sikhulekela ukuthi Uzobusisa wonke umfundisi othunywe nguNkulunkulu. O Nkulunkulu, phefumulela izimpilo zabo. Cabanga nje, ngawo impela lomzuzwana ofanayo, abantu bemukela uMoya oNgcwele emhlabeni jikelele. Abantu bayaphiliswa, ngawo impela lomzuzu, emhlabeni jikelele. SiKubonga kangakanani ngalesisibusiso esikhulu somhlaba wonke esenziwa senzeka ngokufa kweNdodana yaKho, eminyakeni ethize engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, ngalentambama, njengoba silugubhile, loluLwesihlanu oluhle.

51 Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi uMoya waKhe oNgcwele uzofika phakathi kwethu manje, futhi uzosinika ingxenye yeSinkwa sokuPhila esisidingayo, esizosondla ohambweni oluqhubekayo, njengoba siza eceleni siphuma ensimini, ngalezizinsuku ezimbalwa, ukuba sihlale emthunzini woMuthi wokuPhila, ukuba sibe nokujabulelana nenhlanganyelo yethu ndawonye. SiyaKubonga ngaso. Besihlumelelisa. Manje siphe khona, kanye futhi, kulobubusuku, Baba, futhi ugcwalise imiphefumulo yethu.

52 Philisa wonke umuntu ogulayo olapha. SiKubonga kangakanani ngokuphilisa kwaKho, namhlanje, kukadadewethu enalesositho esifishane nonyawo olufishane kulesosimo. Siyabonga, Nkosi. SiyaKubonga. Kukhombisa ukuthi uNkulunkulu ophilayo uhlezi phakathi kwethu. SiyaKubonga ngodade owaphiliswa esifweni sokuvuvuka komphimbo emphinjeni wakhe. Thina mhlawumbe asikazi ngisho namanje ukuthi yini konke Okwenzile. Kuyisimanga, Nkosi, ukubona ukuthi Uzenza kanjani izinto. Siyabonga kuWe.

53 Manje sibusise ngokuqhubekayo. Busisa ukufundwa kweZwi laKho. Fihla izinceku zaKho manje. Soka izindebe ezizokhuluma, nezindlebe ezizozwa, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

54 Asiphenye manje okwendikimba ukuba sifunde, noma ukufundwa komBhalo, njalo. Ngifuna ukufunda ezindaweni ezimbili eZwini. Nalowo ukuIsaya, isahluko 53 sikaIsaya. Ngifuna ukufunda kusukela evesini 1—1 kuze kube kwele 10, kuya—kuya evesini 10, njalo. Bese kuthi-ke sifuna ukufunda uMathewu 11:25 nelama 26. Manje asifunde.

> *Ngubani* o*wakholwa ngesikuzwileyo? ingalo yeN*KOSI *yambulelwa-bani na?*
>
> *Ngokuba iyakukhula njengehlumela phambi kwakhe, nasempandeni e. . .mhlabathini owomileyo: ayinasimo* noma *ubuhle; nalapho siyibuka, ayibukeki ukuba siyifune.*
>
> *Idelelwa ilahlwe ngabantu; umuntu we*nhlupheko*,. . . elujwayele uhlupho:. . .injengosithezelwa ubuso ngabantu; yeyiswa, asiyishayanga-nto yalutho.*
>
> *Kepha* ya*zithwala izifo zethu, yabetshatha ubuhlungu bethu: kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe.*
>
> *Kodwa yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa* ngobubi *bethu: umvimbo wokuthula kwethu wawuphezu kwayo; nangemivimbo yayo siphilisiwe thina.*
>
> *Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe:. . .iN*KOSI*. . .yehlisela* phezu *kwayo ububi bethu sonke.*

*Yacindezelwa, futhi* yahlupha, *kepha noma yathotshiswa,* futhi *kepha ayivulanga umlomo wayo: njengewundlu* e*layiswa ekuhlatshweni, nanjengemvu ethule phambi kwabagundi bayo, kanjalo ayivulanga umlomo wayo.*

*Yasuswa ekuboshweni nasekwahlulelweni: ubani oyakusisho isizukulwane sayo na? ngokuba yanqunywa* e*zweni lababphilayo:* futhi *ishaywa ngesiphambeko sabantu bami.* Futhi yayi . . .

*Ithuna layo yalenza kanye nababi, yayinabacebileyo ekufeni kwayo;* ngo*kuba ingenzanga indluzula, kunge*kho *nankohliso emlonyeni wayo.*

*Nokho iNkosi yathanda ukuyishaya;* no*kuyidabukisa: lapho uya*k*uwenza umphefumulo wayo ube ngumnikelo wesono,* futhi *iyakubona inzalo yayo,* futhi *yenze izinsuku zayo zibe-ziningi, nentando yeNkosi iyakuphumelela esandleni sayo.*

55 Kusobala, ukhuluma ngoJesu lapha, iNkosi yethu eyisimanga nemangalisayo. UMathewu isahluko 11, nelamashumi amabili-. . . amavesi 25 nelama 26.

Futhi *ngalesosikhathi uJesu waphendula wathi, Ngiyakubonga, O Baba, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ukufihlile lokhu kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, wakwambulela izingane.*

*Yebo, Baba,* ngisho . . .

*Yebo, Baba: ngokuba kwaba-kuhle phambi kwakho ukuba kube-njalo.*

56 Manje, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukudonsa kulokhu indikimba, ukukhuluma ngayo kafishane nje, ngokukhulu ukushesha engingaba nakho. Bese-ke ngihlala phansi ukuba ngilalele ezinye izimfakazo eziningi. Ngifuna ukuthatha lendaba lapha: *UNkulunkulu EZifihla EBululeni.*

57 Niyazi, uNkulunkulu mkhulu kakhulu, UZifihla ebululeni, bese-ke Ezembula entweni efanayo AZifihla kuyo. Futhi uNkulunkulu mkhulu kakhulu, AngaZenza abe lula. Yilokho okuMenza abe mkhulu. Abaningi kakhulu bayaMgeja ebululeni, izindlela ezilula AZifihla kuzo. Manje, siyazi ukuthi umuntu angekwenze lokhu. Umuntu angeke azenza abe mkhulu ngokwenele ukuba abe lula. Niyabo? Manje okwenza uNkulunkulu abe mkhulu kakhulu, yingoba Angaba lula kakhulu. Futhi uNkulunkulu akaZembuli ebukhulwini, njengoba sikubiza ngobukhulu.

58 Manje, njengoba sifunda iZwi, futhi sitadisha iZwi likaNkulunkulu, sithola indlela uNkulunkulu enza ngayo izinto. Angeke, neze aguqula uhlelo lwaKhe. UNkulunkulu akushoyo, Angeke neze ahlehla eZwini laKhe.

59 Uma senza noma yini: ngingenza into ethize ngalonyaka, ngicabange, "*Lokhu* kulungile." Ngonyaka ozayo kumbe noma ngeviki elizayo, ngingabona lapho nginephutha khona.

60 Kodwa uNkulunkulu angeke, ngoba Ungongenasiphelo. Isinqumo saKhe sokuqala, uma Eke abizelwa enkundleni, ukuba enze, nendlela Enza ngayo kulesosinqumo, yileyondlela Afanele enze ngayo ngaso sonke isikhathi lesosinqumo esenziwa ngaso futhi. Ngoba, uma Engakwenzanga; uma Enza ngendlela ethize ku*lesi*sinqumo, nendaba efanayo iyaqubuka futhi, futhi uma Engenzi ngendlela efanayo Ayenza esikhathini sokuqala, khona-ke Wenza ngokungesikho esikhathini sokuqala.

61 Ngakho-ke, uma umuntu eke waze weza kuYe ngensindiso, futhi Wamsindisa phezu kwezisekelo Amsindisa phezu kwazo, Uzofanele asindise umuntu olandelayo phezu kwezisekelo ezifanayo. Futhi uma umuntu eke waze weza kuYe efuna ukuphiliswa, futhi Waphilisa lowomuntu phezu kwezisekelo ezithize, uma umuntu olandelayo efika, Uzofanele amphilise ezisekelweni ezifanayo. Angeguquke. Ufanele ahlale efana njalo.

62 UNkulunkulu wenza uhlelo. Ngenkathi umuntu ona ekuqaleni, emuva, wazama ukuthola indlela yokuphunyuka qobo lwakhe. Wazama ukuzenzela isembozo, amaqabunga omkhiwane kanjalonjalo. Akuzange kusebenze. Kodwa uNkulunkulu wayenza indlela ukuba umuntu akwazi ukuhlanganyela naYe futhi, nalokho kwakuphansi kwegazi elichithiwe lesibambiso esingenacala. Naleyo yiyonandlela kuphela uNkulunkulu ake wahlangana khona nomuntu. Futhi leyo yiyonandlela kuphela uNkulunkulu angaze ahlangane khona nomuntu, kuphansi kwegazi elichithiwe lesibambiso esingenacala.

63 Manje, silapha ngoLwesihlanu oluhle. Nezwe, namhlanje, emahlelweni eKatolika, bagaqa benyuke ngezitebhisi, o, izindlela eziningi kakhulu ezehlukene esenza amasiko, futhi sihlikihle amathambo. "Futhi kunezinye eziyishumi nesishiyagalolunye, kufakazelwe ngokoqobo, izipikili abazikhipha ezandleni zikaJesu," basho njalo. "Ibandla ngalinye linaso esisodwa." Futhi kwenza mehluko muni noma ngabe yisipikili, kumbe noma ngabe yisembatho, kumbe noma ngabe kuyini na?

64 SinoMoya oNgcwele. Yilokho uKristu akushiya eBandleni, hhayi ibhantshi elithize, esinye isinqamu sesiphambano, esinye isipikili, noma into ethize. Wasishiyela isikhumbuzo, nalowo kwakunguMoya oNgcwele Awushiyela iBandla. Manje, manje, yilokho Akushiya eBandleni, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, kulentambama, lapho Efa eKalvari. Wanikela ezandleni zika—zikaNkulunkulu, uMoya waKhe, futhi Wathunyelwa eBandleni ngoSuku lwePhentekoste. Manje, uNkulunkulu . . .

65 Ekuqaleni, ngenkathi umuntu ona, kwakhombisa imvelo yomuntu. Uzama njalo ukucashela uNkulunkulu, futhi azenzele indlela angezwa elungisisiwe, inkolo. Lokho bekuyi*nkolo*, kuchaza "isembozo." Ngakho wazama ukwenza inkolo yakhe uqobo.

66 Kodwa uNkulunkulu wenza isinqumo saKhe ukuthi Wayezohlangana kanjani nomuntu, lokho kwakuphezu kweGazi elichithiweyo. Futhi leyo yiyona-ndlela kuphela, akunandaba ukuthi sizama kakhulu kangakanani ngenye indlela. Yileyondawo kuphela uNkulunkulu ayohlangana khona nomuntu ngenhlanganyelo, kuphansi kweGazi elichithiwe.

67 UNkulunkulu kuphela wahlangana noIsrayeli phansi kwegazi elichithiwe. Indawo kuphela uIsrayeli ayengakhonza kuyo kwakungaphansi kwegazi elichithiwe.

68 Futhi, namhlanje, sizame inhlangano, sizame ihlelo, sizame—sizame imfundo. Sizame ukuzuza ngezimpumelelo zesayense nayo yonke into, ukuzama ukuletha umuntu ebunyeni benhlanganyelo. Futhi kwehlulekile, bonke.

69 Yinye indawo umuntu angahlangana kuyo futhi ahlanganyele noNkulunkulu, nenhlanganyelo omunye nomunye. Lokho kuphansi kwesiphambano, ngenkathi umuntu ngamunye emukela iGazi likaJesu Kristu. Angikhathali, kuso sonke isici sakhe, usengafinyelela ngale bese ebeka isandla sakhe esandleni somuntu olandelayo futhi ambize ngokuthi "mfowethu," uma sihlangana esiphambanweni lapho uJesu afela khona.

70 Sesiba ngunyaka wesayense. Yonke into ifanele ifakazelwe, ngokwesayense. Siphila onyakeni wesayense, njengoba kwabikezelwa yiBhayibheli, "sibuthakathaka ukwedlula ohlakaniphe kakhulu," njengoba si . . . njengoba kwabikezelwa. Futhi siphila kulowonyaka. Futhi uma sihlolisisa kakhulu esayensini, siqhela kakhulu kuNkulunkulu. Awusoze wakwazi ukufakazisa uNkulunkulu ngokwesayense.

71 Futhi zonke izikhali zomKristu zingaphezu kwemvelo ngokoqobo. Ayikho into engokwemvelo. Uma ungafakazisa uNkulunkulu, khona-ke asisekho isidingo sokukholwa. "Kodwa oza kuNkulunkulu umelwe ukukholwa ukuthi Ukhona." Kungokukholwa. Zonke izikhali zomKristu ngukukholwa.

72 UDkt. F. F. Bosworth, omunye wezimenenja zami zokuqala, wabhala incwadi ethi *Ukubona OkuNgabonwayo*. Manje, abaningi benu bakufundile, akungabazeki. Yincwadi ekahle kakhulu, i . . . ngokubuka okungabonwayo. UmKristu ubuka izinto angaziboni.

73 Manje asithathe izikhali zobuKristu nje futhi sibone ukuthi ngabe kungaphezu kwemvelo yini: uthando, ukujabula, ukuthula, ukukholwa, ukubekezela, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Yonke into ingaphezu kwemvelo. Uthando! "Yehlela ekhemisi uyongithengela uthando olubiza ikota.

Ngiyaludinga." Niyabo? Ubungeke ukwenze. "Ngithengele ukuthula okubiza idola." Ubungeke ukwenze. Niyabo? Yonke into ingaphezu kwemvelo. Zonke izikhali zikaNkulunkulu zingaphezu kwemvelo. IBandla laKhe lingaphezu kwemvelo. Alisiyo inhlangano. LinguMzimba ongaphezu kwemvelo abesilisa nabesifazane bazalwa kuwo ngoMoya oNgcwele nangendlela yaWo elula.

74 UNkulunkulu akenzi izinto zixake, zamarosari amaningi kakhulu, nokuningi kakhulu kwa*lokhu,* nokujoyina *lokhu*, neningi kakhulu imfundo, eningi kakhulu isayense yezenkolo. Ngani, siziqhelisa thina uqobo kakhulu kakhulu kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi, ngokwenzenjalo.

75 Namhlanje, singokwesayenseye kakhulu size sikwazi nokusho ukuthi kuthatha izakhi ezingaki ezincu amamolekuli ukwenza isithako iatomu, ukuthi zingaki iziphathagesi ama elektroni, kanjalonjalo; bese kwehlukaniswa lesosakhi iatomu, futhi sikutshele ukuthi kwenziwa kanjani; senze ibhomu le atomu, bese kuthi-ke singachaza ukuthi sikwenze kanjani; kodwa sihambe phezu kwedlebe lotshani esingeke saluchaza.

76 UNkulunkulu, ebululeni. UNkulunkulu wazibonakalisa Yena uqobo ebululeni. UZenza abe lula. Kunjalo ukuze abahlakaniphile bengezukuqonda. UJesu wathi, "NgiyaKubonga, Baba, Wena ukufihlile Lokhu kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi uzoKwembula ezinganeni zona eziyofunda."

77 Ungazami neze ukuzifundisa imfundo wena uqobo kuNkulunkulu. Uma ukwenza, uzifundisa imfundo wena uqobo uqhele kuNkulunkulu. Niyabo? UNkulunkulu akaziwa ngemfundo. UNkulunkulu, waziwa ngokukholwa. Nokugadla kokuqala udeveli akuthathayo kwakusohlelweni lwemfundo, nomuntu walahlekelwa yinhlanganyelo yakhe noNkulunkulu. Kunjalo impela. Ufanele azi uNkulunkulu ngokukholwa, hhayi ngalokho angakuchaza; ngalokho akukholwayo, angenakukuchaza. Lokho, sisiyisa ngapha nangapha nje isithombe.

78 Manje, namhlanje, yonke into wuhlelo lwezemfundo. Yebo. Sihamba phezu kwelilula, idlebe elincane lotshani. Sithumela abantwana bethu kumaBhayibheli zikole nasemakholiji. Manje, khumbulani, angigxeki khona lokho. Angisekeli khona ukungazi. Kodwa ngizama ukunitshela ubuwula bakho. Futhi yilapho esenza khona . . . Niyazi kukhona okungalungile.

79 Futhi kunjengasemihlanganweni yami. Isikhathi esiningi kakhulu, uma ngithola imihlangano, ngifumana leyo ohlulekayo ngale emhlanganweni womunye umfo. Ngoba, izikhathi eziningi . . .

80 Ngimqaphelile uMfowethu Roberts. Omunye wathi, "Mfowethu Roberts, uMfowethu Branham, uzokhulekela

amakhulu amahlanu nisakhulekela abathathu." Kunjalo. Impela. "Uyothola ubufakazi obuphindwe kabili." Impela. "Izimfakazo eziphindwe kamashumi amahlanu." Niyabo? Ngoba nizo . . . Empeleni, kusekeleke phezu kokukholwa kwabantu ngamunye bekhulekelwa. Kodwa, labo ohlulekayo phakathi lapho, manje-ke beza nganeno emhlanganweni. Ngoba . . .

81 Lapha, udokotela uhlezi ukhona. Uma udokotela . . . Uya eofisi likadokotela, uthi, "Ngiyagula esiswini sami, futhi ngiphethwe yikhanda, kanjalonjalo." Nalowodokotela ukubhalela nje akukhiphele isithako esincane somuthi nokusetshenziswa kwawo se—sesidambisi zinhlungu noma umuthi othulisayo itrankwalayiza, into ethize, akazange aluxilonge lolodaba. Uzama nje ukukukhipha eofisi. Niyabo? Manje, uma enawe phezu kwenhliziyo yakhe, futhi ekhathalele, uyoluxilonga lolodaba aze athole imbangela.

82 Futhi uma owesilisa egula, noma owesifazane, futhi kwenzeke into ethize, yinye kuphela indlela yokuthola lokho ngokufanele, lokho ngukuthi, buyela emuva bese uthola imbangela. Buyela emuva size sibone abakwenzile. Emihlanganweni, sibabhekisisa bema emsamo. UMoya oNgcwele uthi, "Eminyakeni eyishumi edlule, wawusendaweni *ethize*, futhi wenze into *ethize*. Futhi wenza *lokhu*, no*kuthize*." Nikuzwile, abaningi benu, emihlanganweni. Niyabo? "Nenze lokho. Nifanele nikulungise lokho, kuqala." Bese kuthi-ke, uma bethembisa ukukwenza, khona-ke niyoKuzwa kuvela u, "ISHO KANJE INKOSI." Nikumake ezincwadini zenu. Senake nakubona kwehluleka na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Impela qha. Akwehluleki. Kungeke. Kuyini na? Niyabo? Wena, into yokuqala, ufanele uthole imbangela ngaphambi kokuba ukwazi ukuveza ikhambi. Ufanele uthole isizathu sakho.

83 Futhi manje, namhlanje, sizama ukufundisa abantu imfundo kulokho, ekusondeleni kwesayense kuNkulunkulu, futhi ungeke wakwenza lokho. UNkulunkulu akaziwa ngesayense, kodwa ngokukholwa sazi uNkulunkulu.

84 Futhi ngingasho lokhu, ukuthi—ukuthi umuntu angahlala phansi bese ebuka isixheke sezimbali, umqulu wezimbali, bese etadisha lokho imizuzu engamashumi amathathu, ngobuqotho ngayo yonke inhliziyo yakhe, futhi azi kakhulu ngoNkulunkulu kunoma enza uma azi, waba nazo zonke iziqu iBhayibheli sikole esasingamnika zona, ngokuba uNkulunkulu Uzembula embalini. Siyayibona ifa iphinde ivuke futhi, ukuvuka. Sibona imibala emibili noma emithathu ehlukene ohlobweni olufanayo lwembali. Kwavelaphi lokho kwenza umbala na? Ngichazele khona. Kwafika kanjani lapho na? Kuyaphi, futhi kubuyela kanjani emuva futhi na? Yenza kanjani leyombewu ukuba ife, futhi ibole, bese ibuya futhi na? UNkulunkulu, Ezibonisa yena uqobo ebululeni, bese Ezifihla futhi ekufeni, ukuZibonisa yena uqobo futhi ekuvukeni. Niyabo? Nje ku . . .

85 Awudingi ukwazi yonke inqwaba. Into kuphela ozofanele uyazi ngukuba nokukholwa kulokho okubukayo, okukholwayo. Niyabo? Kholwa. Ihora elilodwa lingakufakazisa ngempela, lingakufundisa kakhulu ngoNkulunkulu kunazo zonke iziqu obungaba nazo.

86 UNkulunkulu mkhulu kakhulu, AngaZenza abe lula. Manje, yilokho okwenza uNkulunkulu abe mkhulu, kimi, ngukuthi Ukwazi kanjani ukuZenza abe lula. Futhi lokho, ngokwenza, qobo lwaKhe, UZifihla kwabakhaliphile nabahlakaniphile. Manje cabangani ngalokho nje. Uzifihla kubantu abakhaliphile bese Ezembula kubantu abathobile. IBhayibheli lathi, kuIsaya 35, "Ngisho, noma, oyisiwula akafanele ukweduka endleleni, Ilula kakhulu." Futhi njengoba uzama ukuKufanisa, futhi uKutadishe, ufanisa nje uqhele kuNkulunkulu. Ngaso sonke isikhathi uma wenza lokho, uvele uziqhelanise kude kude. Yeka ukuzama ukuKufanisa. Kholwa nje lokho Akusho. Yilokho kuphela okukuKho, Kukholwe nje. Bese-ke Ezifihla kwabahlakaniphileyo, futhi Azikhombise yena uqobo kwabalula. Umuntu angeke aba mkhulu kangako.

87 Umuntu, uthi nje angazitholela isiqu sohlobo oluthize, wazi kakhulu kunomfo olandelayo. Ungeke wamtshela lutho. Amabandla, namhlanje, athanda ukuqhosha ngomelusi wawo, ngoba uyisitshudeni sasekholiji *elithize-thize*. Uno—noB.A., uneD.D., L.D. Awu, lokho akuthi shu. Lokho akusho lutho. Angahle abe no B.A., ne D.D., no L. abaphindwe kabili, D., futhi ungazi ngisho nokwehlukanisa uphizi ekhofini. Lokho—lokho akusho . . . Ngiyaxolisa ngalesosiphawulo. Lena akusiyo indawo yamahlaya, niyabo. A—angiqondile lokho. Qhabo, mnumzane. Ngithetheleleni. Ngiqonde lokhu, ukuthi lokho akuhlangene ngalutho naKho.

88 Wazi uNkulunkulu ngokukholwa, futhi lokho kuphela. Lokho kwafakazelwa ngenkathi uJesu efika emhlabeni, nalabobaFarisi kanjalonjalo, iziqu eziphakeme kunazo zonke, abakhaliphe ukwedlula bonke, amadoda aphila ngokungcwele kakhulu esasinakho. Ngisho necala elilodwa elimelene nabo, babengakhandwa ngamatshe kungekho sihawu. NoJesu wathi, "Nina ningabakayihlo, udeveli; niyokwenza imisebenzi yakhe." Ubani owayengabakhomba ngomunwe futhi asho na?

89 Sikubiza nge, "sono," ukuphinga, ukuqamba amanga, ukubhema osikilidi, ukumpilomba. I . . . Leso akusiso isono. Lokho akuhlanganise lutho nesono. Lokho yimiphumela yokungakholwa. Sinye kuphela isono, lokho ngukungakholwa. "Ongakholwa uselahliwe vele." Uma umuntu eyophika Lokho, Lokho, iZwi likaNkulunkulu, leso yisono khona lapho.

90 UJesu wathi, ngenkathi Esemhlabeni, "Ubani ongaNgilahla ngesono na? Ubani ongaNgikhombisa ukuthi aNgiyigcwalisanga yonke into eyaprofethwa ngaMi na? Nxa Ngifika, beNgifanele ngenze izinto *ezithize-thize*. Ubani ongafakazisa ukuthi

aNgenzanga khona impela nje umBhalo othi Ngiyakwenza na? Hlolani umBhalo, ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi." Niyabo? "Ubani ongaNgilahla ngesono na?"

91 Manje, labobantu lapho, o, babefanele bahlambe amabhodwe abo namaketela, futhi bahlambe ngaphambi kokuba badle, nawo onke lamasiko anjalonjalo ababefanele bedlule kuwo. Kodwa uJesu wabagxeka bonke, futhi wababuyisela eceleni, futhi wabatshela ukuthi babengodeveli. Wawungacabanga ngento enjalo na?

92 Niyakholwa ukuthi Ubengenza into efanayo emabandleni namhlanje na? Impela Ubengenza kakhulu. Sizithandele thina emasikweni nezinto, sesize sizithole sisemfucumfucwini efanayo esasikuyo ngaleyonkathi. Futhi manje, nxa uNkulunkulu Eziveza obala ebululeni, khona-ke abaKuqondi, nhlobo. Kungaphezu kwendlela yabo yokucabanga. BanaKho kulungiswe konke ngendlela abacabanga ukuthi beKufanele kube yiyo, futhi, uma Kungafiki ngaleyondlela, bangeke baKwemukele. Yileyondlela kuphela. Yilokho obekuyinkathazo njalo.

93 Khumbulani, indlela ephezulu iphansi. Manje, kunjalo. "Ozithobayo uyakuphakanyiswa."

94 Wazi kanjani noma ngabe yikho, yiliphi iphezulu, nephansi na? Uma izwe limi emkhathini, ngabe iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNyakatho iphezulu, noma iNdawo yasekugcineni komhlaba ngaseNingizimu iphezulu na? Yiyona yiphi na? Niyabo?

95 Futhi wena uthi, "O, inkanyezi yokusa, nenkanyezi yakusihlwa." Kokubili yinkanyezi efanayo. Niyabo? Ukukhanya okufanayo kwanikezwa ekuseni, yinkanyezi yakusihlwa efanayo, izwe liyajikeleziswa nje. Yilokho kuphela. Niyabo? Ngakho akuxakile kakhulu, empeleni. Ngukukholwa okulula nje, ukumkholwa uNkulunkulu. Qaphelani. Indlela ephezulu, ngishilo, iphansi. U . . .

96 Sifanele simkholwe uNkulunkulu. Sifanele siMthathe eZwini laKhe. Asifanele sizame ukuzifanisa izinto. Kodwa, nje noma yini uNkulunkulu ayishoyo, uMoya kaNkulunkulu wangempela uyogcizelela lonke iZwi likaNkulunkulu ngo "amen." UMoya oNgcwele waloba iZwi.

97 Uma uMoya oNgcwele waloba iZwi, noMoya oNgcwele ukuwe, Ungasho kanjani ukuthi, "Awu, Lokho kwakungokomunye unyaka"? Ungasho kanjani, kanti Wathi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," futhi uzama ukuLibeka lisuka onyakeni othize emuva lapho, noma omunye unyaka ozayo na?

98 Umuntu usalokhu efana. Uhlala njalo ebonga uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, ebheke phambili ngalokho Azokwenza,

futhi enganaki lokho Akwenzayo. Lowo ngumuntu ngqo, njalo. Futhi wenza into efanayo namhlanje. Uhlala njalo eyilokho. Yena, lowo ngumuntu, futhi ufanele uphume kulokho. Ufanele udedele umqondo owawukuKristu ube kuwe.

99 UNkulunkulu esebenzana nomuntu bekuhlala njalo kusekuzithobeni. Akasebenzani neze nabantu ngamagama amakhulukazi esayense yezenkolo. Ngitshele kanye lapho ake Akwenza khona. Akakwenzi neze. UZenza abe lula. Nomuntu ufuna ukuKwenza kuxake. UZenza abe mkhulu, ngokuZenza athobe.

100 Manje, uma umuntu ethola imfundo encanyana, noma iziqu ezimbalwa, wazi kakhulu uze ungakwazi ukumtshela lutho. Kodwa uma nje engalokhu eba mkhulu ngokwenele aze akwazi ukuzenza abe mncane, aze angazi lutho, khona-ke kuzolunga. Kodwa angeke abe mkhulu kangako. Niyabo? Angeke nje aba mkhulu kangako.

101 Futhi uNkulunkulu mkhulu kangako. Mkhulu kakhulu uze Akwazi ukuZenza athobe. Kodwa thina asikwazi, khulu, sibe bakhulu ngokwenele ukuba sizenze sithobe. Yilowo umehluko. Futhi ngakho uNkulunkulu uZifihla ekuthobekeni nasebululeni. Futhi umuntu, ukuhlakanipha kwezwe, kubuka ngaphezulu ngqo kwaKho. Akumangalisi uIsaya wathi, "Ngubani okholwe ngesikuzwileyo na? Ingalo yeNkosi imbulelwe bani na?" UJesu wathi, "NgiyaKubonga, Baba, waseZulwini, womhlaba, ukuthi Ukufihlile Lokhu emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi uzoKwembula ezinganeni zona eziyofunda." Ukuthobeka, ubulula, nje bhekisisani ukuthi uNkulunkulu uZenza kanjani abe lula.

102 Bukani. Bukani e-Edene. Kholwani yiZwi laKhe nje, yilokho kuphela ababefanele bakwenze, ukuba baphile. Manje, uNkulunkulu akazange asho, kulembangela yokuqala, ukuthi uneziqu eziningi kakhulu zasekholiji obuzofanele ube nazo. Wathi, "Leli yiZwi laMi. Likholwe, uphile. UngaLikholwa, uyafa."

103 Manje, uEva akazange angalikholwa lonke laLo. Wakholwa nje umkhakha owodwa omncane waLo.

104 Manje ngifuna ukunibuza umbuzo, bazalwane, bodadewethu. Uma uNkulunkulu evumela konke lokhu kwenzeke ngoba uEva wawukholwa ngokungesikho umkhakha omncane owodwa weZwi, futhi kwabangela isintu ukuba sifike endaweni esikuyo, nicabanga ukuthi siyoke sibuyele emuva, sikholwa ngokungesikho nayimuphi umkhakha waLo na? Kucabangeni. Uma uNkulunkulu akwazi ukubona izingane ezincane zizwa ubuhlungu, izimpi nezinkathazo, indlala nokulamba, ukugula nokubulala; nazo zonke lezizinto yenzekile, zonke ngoba umkhakha omncane owodwa weZwi laKhe wangatshazwa. Nicabanga ukuthi siyoke sibuyele emuva,

singabaza umkhakha owodwa waLo na? Uma kubiza konke lokhu, ngabe Uyokudedela ubuyele emuva ukhululekile, akudedele uye nomaphi, uthi, "AngiLikholwa. AngiLiqondi. AngiLikholwa, empeleni na"? Qhabo.

105 Ufanele ukukholwe konke okwaLo, akunandaba ukuthi libonakala Lithobeke kanjani. Likholweni, noma kanjani. Uthi, "Awu, angiLiqondi." Likholwe, noma kanjani. Awufanele ukuLiqonda. Ufanele uLikholwe. Likholwe nje, noma kanjani. Manje, yileyondlela esiyiyo namhlanje, into efanayo, lowo nguNkulunkulu.

106 Kunjengempi iyokulwa. Sinezinhloli eNgilandi. INgilandi inezinhloli lapha. Izinhloli ziphuma zingena, emhlabeni jikelele. Ngani na? Zihlola izimfihlo zethu zezempi. Nxa sithola olunye uhlobo lwemfihlo yezempi, zithi nje zingayithola, zithatha into efanayo, noma eny'into, ukulwa nakho. Yimpi.

Izimpi ezinkulu kunazo zonke, eziqhubekile, yimpi yokomoya.

107 Manje, ngenkathi uNkulunkulu azi ukuthi lokhu kwakuzofezeka, Wenzela abantwana baKhe njengoba nje kwenza iUnited States ngempi yabo. Sinika indoda isigqoko esiyisivikelo ukuba isifake, ngoba siyazi izosisebenzisa. Siyinika i—ispeyidi sokumba. Siyazi ukuthi yiphawondi elikhulu, cishe umthwalo ongamaphawondi angamashumi ayisishiyagalolunye emhlane wayo. Omunye osemusha omncane ewuthwele, uyinto ngempela e—el'khuni kuye. Kodwa impi iyazi ukuthi bafanele bamqeqeshele lokho, ngoba uzokudinga. Bonke ophisi bezikhali zokuhlomisa, uzokudinga uma egadla ekhaleni lempi.

108 Futhi yilokho ebesifanele sikwenze namhlanje, mngani. Sifanele silithathe lonke iZwi likaNkulunkulu, ngoba sizoLidinga. Sifanele sisebenzise lonke iZwi eliphakathi Lapho. Lingu ISHO KANJE INKOSI, futhi sifanele sisebenzise iVangeli eligcwele, konke okwaLo. Manje, ngenkathi uNkulunkulu ebiyele iBandla laKhe, WaLibiyela ngento enhle edlula zonke Ayengayithola, ngoba ngabantwana baKhe uQobo. Futhi Wabiyela iBandla ngeZwi, iZwi laKhe uQobo. Ubacela nje ukuba bakholwe iZwi laKhe, yilokho kuphela okwakukhona.

109 Futhi uSathane, ngokuhlakanipha kwakhe, wabangela uEva ukuba adilizele phansi lowomgoqo, endaweni eyodwa nje. USathane wavuma konke nokunci kweZwi ukuthi kwakuqinisile, kodwa wathi, "Impela . . ." Yilokho kuphela ayefanele akwazi. "Impela awuyikufa." Manje, leyo kwakuyintuba yokuphuma. Wathola uEva emva kwaleloZwi, ngokungabaza okuncane okukodwa.

110 Yilapho impela athola khona ibandla namhlanje, into efanayo. Lokho kungabaza okuncane okukodwa nje kukuletha ngakuloluhlangothi. Futhi manje ayikho indlela yokuba uze uzame ukucabanga ukuthi uNkulunkulu uyoke akuyeke

ngokuba sebandleni, ukuba senhlanganweni, noma iqembu, kumbe noma ngabe kuyini, kumbe noma yimaphi amadlingozi.

111 Ufanele ulikholwe iZwi laKhe futhi usebenzele phezu kwelifanayo. Kunjalo. Kukhona . . . Yileyondlela kuphela. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu ekuqaleni. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu kusukela phansi empilweni. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu manje, ngukuthi, iBandla lifanele lihlale emva kweZwi. Yileyondlela kuphela ukuthi yena, ongaphepha ngayo.

112 Qaphelani uNowa ngezinsuku zakhe. Sikhulumile ngakho kulokhu ukusa. Ngezinsuku zakhe kwakuyisikhathi esikhulu sobuhlakani, namadoda ayekhaliphile. Futhi uNowa, unyaka wakhe omkhulu wobuhlakani, uNkulunkulu wehla ukuba asindise abantu abakhethiweyo.

113 Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uneBandla elikhethiwe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela, Uyakwenza. Futhi Ufikela ukusindisa lowo Okhethiweyo. Bonke abanye, amasosha angabalulekile nje empini. Kodwa U—kodwa Uyazi ukuthi bazoba baningi kakhulu ababo abasindiswayo, ngoba, "Wabeka amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe." Lokho kungokomBhalo impela.

114 "Futhi umphikukristu, izinsuku zokugcina, uyodukisa bonke abamagama abo angalotshwanga kuleyoNcwadi ngaphambi kokusekelwa kwezwe." IBhayibheli lasho njalo. Umphikukristu, usondele kakhulu, kuyoba yiPhentekoste, kuze kuyofika echashazini. Niyabo? "Kodwa kuyodukisa labo abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila kusukela ekusekelweni kwezwe, ngenkathi iWundlu lihlatshwa."

115 Qaphelani. Manje, sithola ukuthi, uSathane, lowomsebenzeli omkhulu, wayekwazi kuphela ukuthola ibandla, okokuqala, ngokubenza bavume ukuhlakanipha kwakhe kwezwe, futhi badede ekukholweni okwejwayelekile uNkulunkulu abatshela ukuba babenakho eZwini laKhe. Lolo kwakuluhlelo lwaKhe lokuqala. Waphumelela lapho. Futhi yilapho akwenze khona, ngaso sonke isikhathi. O, ukuba kuphela besingabona ukuthi lokho yikho. Futhi nxa engakuthola usuke emva kwaleloZwi, yilokho kuphela afanele akwenze. Usu—ususezandleni zakhe-ke ngayo leyonkathi.

Qaphela, kholwa iZwi laKhe nje, futhi uphile.

116 Manje, uEva, Lokho kwakungamenele. Wayenokunye kokuhlakanipha kwezwe.

117 Yileyondlela esiyenzayo namhlanje. Sizofanele sibe nomunye udokotela nje, Ph.D., LL.D., ukusitshela ngaLo. Mfowethu, uma kuphambene naleliZwi, kushiye kanjalo. Angikhathali uma kunguphapha waseRoma, noma uma kuyi . . . noma yisiphi isigaba sabaphathi, noma umbhishobhi omkhulu waseCanterbury. Angikhathali ukuthi ubani. Kholwa iZwi

likaNkulunkulu. Futhi onke amanye amazwi mawabe amanga, uma noma yini iphambene neZwi.

118 Ngathola lento eyodwa. Phila ngeZwi. Uma uNkulunkulu enza isithembiso, Uzofanele aligcine leloZwi. Uma Engaligcini leloZwi, khona-ke akusuye uNkulunkulu.

119 Manje, uNkulunkulu uzofanele ehlulele izwe ngomgomo othize, ngoluny'usuku. Manje, uma Ezolehlulela ngomgomo njengoba ibandla laseRoma lisitshela, ngebandla, manje-ke yilona liphi ibandla na? Kunezinye izinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye ezehlukene. Yiyona yiphi na? IBaptisti ithi owabo ngumgomo. IPentecostal ithi owabo. IKatolika ithi owabo. Kimi, akukho namunye wabo.

120 IZwi liyiQiniso. "Oyosusa iZwi elilodwa kuLeli, noma enezele elilodwa kuLo, yena lowo uyosuswa, isabelo sakhe, eNcwadini yokuPhila." Niyabo? YiZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu uyokwehlulela umuntu ngalo.

121 Isizukulwane esikhulu sikaNowa lapho, ngenkathi babekhaliphe kakhulu, uNkulunkulu wabathumela umlayezo. Futhi ngenkathi Enza, Akazange athumele ingelosi enkulu. Wathumela umlimi, enolula, umlayezo omncane, kodwa wawubakhombisa. Manje, nicabanga ukuthi bayawemukela na? Qhabo. Ngoba, wawulula kakhulu. Ukuba—ukuba wawukade ungelula kakhulu, babeyowemukela. Ukuba kwakukade kungenye into ethize enkulu, wawungabatshela ukuthi sakhiwa kanjani isivivane esasisikhulu ukwedlula lezo abase bevele bezakhile, kanjalonjalo, babengahle bakwemukele. Kodwa Wathumela umuntu olula enomlayezo, othi, "Lizokuna." Lokho akuhlangananga nemfundo yabo yesayense. Ngani, babengaciba ezibhakabhakeni, ngomshini irada okwazi ukukhombisa izinto ezifihlekile noma into ethize, futhi bafakazise ukuthi akukhomanzi phezulu lapho.

122 Kodwa uNowa wathi, "UNkulunkulu wathi kuyoba namanzi lapho. Futhi uma uNkulunkulu athi kuyobakhona amanzi lapho, nakuba engekho lapho, Angawabeka lapho, ngoba UnguMdali." Yilokho-ke. Akunandaba ukuthi noma ubani uthini, uNkulunkulu washo njalo, futhi uNkulunkulu uyakwazi ukugcina iZwi laKhe. Lowo olula, umlayezo omncane walilahla izwe ngezinsuku zakhe, wase esindisa abendlu yakhe uqobo. Kunjalo. Ngokulula, kungekho lutho lokuba yisidlamlilo, nje, kalula, "Hambani ningene emkhunjini." Yilokho kuphela okwakudingekile. "Kholwa bese uhamba ungene." UNkulunkulu wasindisa izwe ngobulula, Ezikhombisa ngokuthobe kakhulu. Lokho kwakuyi . . . Kwakuyini na? UNkulunkulu ezifihla futhi kwabakhaliphe ngempela, abafundile.

123 Noma ubani uyazi ukuthi abantu basendulo izwe lingakabhubhi ngamanzi babekhaliphe kakhulu kunoma sinjalo

namhlanje, beqhubekele phambili kwisayense, kanjalonjalo, kunoma sinjalo namhlanje. Ngani, bangagubha izidumbu ezomisiwe ukuze zilondolozwe emuva lapho. Futhi besingeke saba nokomiswa kwesidumbu namhlanje. Besingeke siwomise umzimba kanjalo. Babenokwenza umbala thina esingekwazi ukufananisa namhlanje. Bakha izivivane namakhanda amakhulu amabhubesi aqoshiwe, kanjalonjalo, ebesingeke safananisa ukuba besingadingeka. Asinazo izinto esingasakha ngazo. Asinawo amandla okusiphakamisela lapho. Besingeke sasakha, kodwa basakha. Ngani na? Babekhaliphe kakhulu kunoma sinjalo thina.

124 Futhi kuleso esikahle, esifundile, esikhaliphile, isizwe esihlakaniphile sabantu, uNkulunkulu wathumela umlayezo, uthobe kakhulu, lokho nje kwababakhuba ngqo kwaze kwayofika phansi ekugcineni. Ba—bawala futhi bawenqaba. Nobulungiswa bukaNkulunkulu babudinga ukwahlulela, onqabe umlayezo waKhe, futhi Walilahla izwe futhi walicwilisa phansi komhlaba, ngozamcolo. Futhi wasindisa uNowa, olungileyo, owakholwa ngolula, umlayezo omncane uNkulunkulu awusebenzisa. Kwakuyini na? UNkulunkulu ezifihla ebululeni. O, yebo. Yebo, mnumzane. Ngokwejwayelekile, njengoba behlale benza, bakukholwa.

125 Esinye isikhathi, ngenkathi kwakukhona isikhathi sokukhululwa sesiseduze, uNkulunkulu wathumela indoda elula, iphuma emndenini olula. Akazange athathe noma yimuphi umndeni odumile. Umndeni kaMose, sithola ukuthi wayeyindoda elula nje, umndeni ojwayelekile wesizwe sikaLevi, ngiyakholwa. Base bebakhipha, lomndeni.

126 Wavumela uMose angene bese eba yindoda efunde ukwedlula onke kulolonke izwe. Wayekwazi ukufundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha. Wayeyindoda yezempi, sitshelwa ngumlando. Wayazi yonke imininingwane, ukuthi kwenziwa kanjani. NoNkulunkulu umvumela athole ukuqeqeshwa kanjalo, futhi uyafakazisa ukuthi ungeke wamfezela uNkulunkulu ngaleyondlela. Ezakhe ezempi, zawo wonke umqondo wakhe wokuhlakanipha, yonke imfundo yakhe, wehluleka kamuncu nakalusizi ngakho. UNkulunkulu wamvumela akwenze, wamvumela abe yisifundiswa futhi ahlakaniphe. Kwase-ke kuMthatha iminyaka engamashumi amane ukumfundisa, kwase kuba-ke yiminyaka engamashumi amane ukuyishaya iphume kuye, ngaphambi kokuba Amsebenzise. Kunjalo. Kunjalo. Wamkhiphela kwingemuva logwadule wase eyiqeda yonke imfundo ayenayo.

127 O, into kuphela eyinkathazo namhlanje, sizama njalo ukupakisha, senzela ukuFika. Besifanele ukuthulula kube emthi, senzele ukuFika. Kuzofanele kube nendawo lapho. Kuzofanele kube nento ethize, indlala. Sizama ukugqogqa nokudonsa. Besingafanele senze lokho. Uma umuntu elambele

uNkulunkulu, kunendawo e-emthi, yaKhe. Yilokho kuphela. Kodwa, kuze kube lapho, ngeke safuthelanisa uNkulunkulu endaweni. Singahle simenze obe nezimfundiso ezijulileyo, namakhaza, kanjalonjalo, futhi siziphathe ngokuxakile. Kodwa ngempela ngeke kusebenze kuze kuthi leyondoda, qobo lwayo, ifune uNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Ngakho izinhlelo zethu ezenziwe ngumuntu azilungile. Ngenani kwezikaNkulunkulu. Kunjalo impela. Ukujoyina ibandla, ukuxhawulana, izimo zombhaphathizo, nezinkambiso, na—namarosari, kanjalonjalo, umbhedo!

128 Ngukuzalwa. Futhi uNkulunkulu . . . "Babusisiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba owesifazane uyakusuthiswa." Kunjalo. Ufanele ube nendawana e-emthi. Yini eyenza abesilisa balambe na?

129 Yini eyenza abesilisa baphume lapha futhi benze ngendlela abenza ngayo na? Yini eyenza laba besifazane phandle emgwaqeni, behamba bembethe lezizingubo zokungabi nasimilo na? Bazama ukwenzani na? Bazama ukwenelisa ukulamba. Futhi balambela ini na? Yingoba badalelwa ukulamba. Kodwa lokho kulamba, angaba nesibindi kanjani noma yimuphi umuntu ukuzama ukuthulisa lokho kulamba okungcwele uNkulunkulu akwenzela khona, ukulambela Yena, futhi uzame ukukwenelisa ngezinto zezwe. Awunalungelo lokwenza lokho.

130 Angaba nesibindi kanjani noma yimuphi umuntu ukuba azame ukufaka imidlalo yamakhadi nemidanso nezinto ebandleni, namasapha amasobho ukukhokhela umelusi wenu, uhlobo oluthize lokubungazana kwenyama, bese uzibiza ngonenkolo, nezinto ezinjalo, ukuthulisa lokho kulamba okungcwele! Kanti, benifanele nibe nekamelo eliphezulu lapho, nikhulekela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ukuba ugcwalise leyonhlangano yebandla labantu. Aninalungelo.

131 Kodwa Kuthobeke kakhulu. Akuhlangabezani nezidingakalo zenu. Imfundo yenu isihambe yaba ngaphezu kwaLokho. Niyabo? Nikhaliphe kakhulu. Nifuna ukufundisa abantu imfundo kuKho. Animfuni umelusi owazi uMoya oNgcwele. Beningamjaha asuke epulpiti lenu. Animfuni lowo, ngoba akakwazi ukukhombisa ikhadi lakhe. Angeke akhombise ukuthi wayevela kusiphi isikole. Nicabanga ukuthi uMose wayengalikhombisa na? Nicabanga ukuthi noma yimuphi wabaprofethi wayengalikhombisa na? UJesu wayengalikhombisa na?

132 Bathi, "Yisiphi isikole na? Wayengayitholaphi lemfundo na? Kwakungaqhamukaphi lokhu na?" Asinabufakazi obuqoshwe phansi baKhe eke aye esikoleni usuku empilweni yaKhe.

133 Nithini ngoJohane, lobo obudala obusavolo, ubuso obuyisiqubuqubu, ephuma evela ehlane kanjalo na? Uyise wayengumshumayeli, futhi uphuma esikoleni; wayengumpristi.

Asinabo ngisho ubufakazi bakhe eke eya esikoleni. Waya ehlane eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala. Ngani na? Wayenomsebenzi osemqoka ukuba awenze. Akawulandelanga ngani umkhondo kayise, njengoba nje kwakuvamile kuye ukukwenza na? Ngani, lelokholiji ezansi lapho laliyo—laliyomfaka kwamaningi kakhulu amathizethize ababenawo, "Manje, uyazi wena uzomemezela uMesiya. Manje, uyazi uMfowethu Jones uyahlangabezana nalokho."

134 Waphumela ehlane wayeselindela uNkulunkulu iNkosi yaze yamtshela, "Oyobona uMoya wehlela kuYe usale, NguYe ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo." Inkonzo yakhe yayisemqoka kakhulu ukuthola imfundo. Impela yayinjalo. Wayefanele abe namandla kaNkulunkulu.

135 Manje, uma unemfundo yakho kuhlangene namandla kaNkulunkulu, kuyamangalisa, kodwa ungabeki leyomfundo ngaphezu kwamandla kaNkulunkulu. Niyabo? Qiniso.

136 Manje, sithola ukuthi uMose, manje, ngenkathi wayephandle lapho, u. . . Iminyaka engamashumi amane wayeziqeqeshile, azi ngonina ukuthi wayezokhulula abantwana bakwaIsrayeli. Wacabanga impela, ngenkathi ebulala lowomGibhithe, ukuthi abafowabo babezokuqonda, kodwa abazange. Ngakho, kuwo onke amacebo akhe, wehluleka futhi wehluleka isiqothu. Kodwa emizuzwini emihlanu, eBukhoneni besihlahla esivuthayo phandle lapho, uNkulunkulu wafaka okuningi kuye kunoma—kunoma kwenza ikholiji ezansi lapho eminyakeni engamashumi amane.

137 Manje, ngizovuma into eyodwa, uma ufunda uNkulunkulu, ngoNkulunkulu, ngokuthobeka. Kuthiwani ngesihlahla na? Ukuba-ke uMose wathi, "Manje, awulinde kancane. Imfundo yami iphakeme kakhulu. Ngakho ngicabanga ukuthi ngizoya ngale bese ngizama ukuqoqa amanye alawomaqabunga esuka esihlahleni, ngiwehlisele endlini yokucwaningela, bese ngiwahlola, futhi ngibone ukuthi sithako sini leso esasichelwe ngaso, ukubona ukuthi ngabe. . . siyavutha futhi asishi"? Niyabo, wayengeke ayithole neze imfihlo. Kodwa wenyukela kuMama Mvelo, wakhumula izicathulo zakhe, waguqa phansi futhi uqala ukukhuluma naKho. Futhi Kwakhuluma kwamphendula. Yileyondlela-ke.

138 Ungazami ukuzifundisa wena uqobo imfundo entweni ethize. Kodwa guqa ngqo phambi kukaJehova uNkulunkulu, ukhulume naYe. Uyokuphendula futhi. Kuthobe kanjalo-ke nje. "Celani, futhi niyakuphiwa. Ngqongqothani, kuyovulwa. Funani, futhi niyakufumana. Celani, futhi niyakuphiwa." Lokho kulula kanjalo nje.

139 Manje, ngazi into eyodwa, ukuthi nxa ngempela ufumana uNkulunkulu, kukwenza uziphathe ngokuyinqaba.

Niyamqaphela uMose, ngosuku olulandelayo, kamuva. Wayebaleke esuka . . .

140 Wayesevele ebaleke waphuma eGibhithe, futhi wayekade ephandle lapho, futhi uganwa nguZipora, futhi wayenendodana yakhe encane, uGereshomu. Futhi lapha waye, esevele ekhohliwe ngubugqili babantu. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu ebonakala kuye lapho esihlahleni esivuthayo; ngosuku olulandelayo, wayenoZipora egibele umnyuzi, nengane isenqulwini yakhe. Nentshebe emhlophe ilenga iye yayoshaya okhalweni lwakhe; ikhanda lakhe elinempandla licwebezela. Nenduku esandleni sakhe, ehla edabula lapho, "Udumo kuNkulunkulu," amehlo akhe ebuka ngale.

"Uyaphi, Mose na?"

141 "Sehlela eGibhithe, ukuyophatha," ukuhlasela kwendoda eyodwa.

142 O, kuyokwenza uziphathe ngokuhlekisayo, kodwa lokho kulungile. Inqobo nje uma wazi ukuthi yiyiphi indlela ohamba ngayo, lokho kulungile.

"Wazi kanjani ukuthi uzophatha na?"

"UNkulunkulu washo njalo." Lokho kuyakuxazulula. Lokho kwasho njalo. "UNkulunkulu washo njalo."

143 "O, usuneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala! Uma ubukwenzile lokho, ubuyohamba ngenkathi wawunamashumi amane."

144 "Kodwa uNkulunkulu wathi, 'Hamba manje. Yiso lesisikhathi.'" Ukuhlasela kwendoda eyodwa, yehlela ukuyokwenza.

145 UNkulunkulu ukwenza uziphathe ngokuhlekisayo, ngisho noma ngabe ubukeka njengesikhombamoya sesimo sezulu simi esicongweni sendlu. Kodwa inqobo nje uma kunguNkulunkulu okwenzayo, ngani, kulungile. Kwenza mehluko muni na? Kungahle kuthathe okunye kokuqeqesha kwesayense yezenkolo yamaBaptisti kuwe. Kodwa inqobo nje uma uNkulunkulu ekwenza, UZembula ebululeni. Lowomshumayeli wayazi kakhulu ngoNkulunkulu, ehla esicongweni saleyondlu, kunokufunda yonke iminyaka eya esikoleni. Amen. UNkulunkulu UZembula ebululeni, futhi Uzikhombisa ngamandla. Amen. Ezifihla, bese-ke Ezibonisa yena uqobo. Sifuna ukubona ukuthi uthola ukuba lula kanjani; hhayi ukuthi ungathola ukukhalipha kanjani, kodwa ukuthi ungathola ukuba lula kanjani.

146 UNkulunkulu uZenza aziwe ebululeni, hhayi ekukhalipheni nasekuhlakanipheni kobuqili. Lokho ngokukadeveli. Landela ukuqeqeshwa. Baba kuphi abantwana bakaKayini, kwenzekani kwabakhe na? Abantwanyana bakadeveli, kwenzekani kubo na? Bonke baba abafundisi bemfundo abakhaliphile, ososayense,

kanjalonjalo. Landela abantwana bakaSeti: abathobile, abantukazana, abafuyi bezimvu, kanjalonjalo. Ekupheleni kwezwe, kwenzekani na? Ekupheleni kwezwe lamandulo lingakabhubhi ngamanzi, kwenzekani na? Bonke balahlwa. Babengabakholwayo, nabo. Impela, babenjalo. Kodwa, niyabo, uNkulunkulu wathumela uNowa, wabamba abathobile, abalula, wayesebaqukula. Nabantwana bakaKayini wabhujiswa.

147 Kuyinto efanayo namhlanje, lowo okhaliphile, ohlakaniphe okobuqili. Niyabo? USathane wamkhohlisa kanjalo-ke uEva ensimini yase-Edene. Wenze njalo-ke abantwana bakhe, kusukela phansi le.

148 Buka uMowabi, leyo enkulu, inhlangano elilungileyo imi phezulu lapho esiqongweni segquma. He, indawo enkulu kanje pho! Manje, qhabo. . .Bakhonza uNkulunkulu ofanayo. Isizathu, bahamba base belanda umbhishobhi wabo, uBalami. Uphumela lapho wayesemisa ama altare ayisikhombisa, imihlatshelo eyisikhombisa. Ialtare elifanayo, umhlatshelo ofanayo, yonke into impela njengoba kwenze uIsrayeli, umzulazuli omncane ezansi lapho. Base-ke bezama ukuqalekisa umfowabo, niyabo, ukumvimbela ukudlula ezweni. Babengafuni nayinye yazo lapho lezozimvuselelo zabagingqiki abangcwele phakathi kwabantu bakubo. Kwenzekani na? UNkulunkulu wahamba waqhubeka ngqo wedlula, noma kanjani, ngoba babethenjiswe ukuya ezweni elithenjisiwe, futhi akukho okwakungabamisa. UNkulunkulu wasebenzana nabo. UNkulunkulu Ezifihla ebululeni, yileyondlela Enza ngayo njalo, futhi ngokwejwayelekile bayakugeja.

149 UMose wayeyinceku ezinikele kaKristu. NoNkulunkulu. . . Esihlahleni esivuthayo, wayazi kakhulu ngo. . .UMose wayazi kakhulu ngoNkulunkulu ngenkathi esuka kulesosihlahla esivuthayo kunayo yonke iminyaka engamashumi amane etadisha ngaYe ezansi eGibhithe. Siyazi lokho kuqinisile.

150 Ngezinsuku zika-Ahabi, izwe lase lifinyelele endaweni enje, ezombusazwe zazibambe elikhulu iqhaza, njengoba sikhulume ngakho kulokhu ukusa, uAhabi waze wafika enkundleni. Manje, uAhabi wayengesuye umfo omubi. Wayesivivi nje, uIsrayeli ohlubukile owavumela umkakhe ahambe emhola. Wayeyintamo ephendula ikhanda.

151 Naleyo yinto efanayo esinayo khona lapha kuleUnited States manje. Impela. Angisho, umongameli wethu, *us'bani-bani*. Angahle ukuba wayengumuntu olungileyo. Kodwa yileyonqubo endala emva kwayo, yilokho okukwenzayo.

152 Kubhekisiseni. Makani nje. Nicabanga ukuthi ngimi lapha nje ngisho into engingazi ukuthi ngikhuluma ngani. Niyakhumbula ukuthi nginitsheleni. Yebo, mnumzane. Sengiba yikhehla. Angisenazo ezinye izinsuku eziningi kakhulu ezisele emhlabeni. Uma uJesu elibala isikhathi eside, ngizobe

ngingasekho masinya impela. Kodwa lokhu kuzoteyishwa, futhi nizophinde nikudlale, futhi nizothola ukuthi kwakuqinisile. Niphila emathunzini. Akukho-mathemba asele, nhlobo. Manje, khumbulani, mina ngikwazi, ikhehla njengoba ngiyilo, futhi ngimi lapha futhi ngazi ukuthi isikhathi sidlula ngokushesha. Futhi usu—usuphelile. Isizwe sesiphelile. Yonke into isiphelile. Kunjalo. Futhi yinto eyodwa kuphela, "Zisindise wena kulesisizukulwane esiqhubekayo," ngoba sesiphelile. Kunjalo.

153 UAhabi. Lolosuku uJezibele angena ngalo, wathola bonke abesifazane beziphatha ngendlela ayeyiyo, futhi—futhi ngiqagele izinto edlula kuzo, noAhabi washiya izinto. Nabo bonke abashumayeli bathola ukuba nokuba yizwe.

154 Kodwa ngalesosikhathi esifanayo, uNkulunkulu wavusa indoda enamandla. Asazi nalapho evela khona. Asimazi ukuthi uyise nonina wayengubani. Akaveli ndawo, kodwa waya eNkazimulweni. Asazi ukuthi uyise nonina wayengubani, akukho zinsuku zakhe eke aye esikoleni. Wayeyindoda yasehlane. Asazi ukuthi ufika kanjani. Uyafika nje enkundleni ngokuyisimanga, wanyamalala enkundleni ngokuyisimanga. Futhi ufika lapho, Wayesesithuntuthela phansi lesosizukulwane, kumuntu olula.

155 Nicabanga ukuthi osiyazi bezenkolo bacabangani ngaye ngalolosuku? Ngani, nicabanga ukuthi bamemukela uElija na? Bathi, "Ungomdala ongahlahlile ekhanda." UJezebeli wathi, "Ngiyamzonda." Futhi—futhi wonke umuntu wayemzonda. Kodwa wayeneZwi leNkosi ngensindiso yesizwe. Kodwa abakukholwanga.

156 Uhlobo olulula lomuntu, uElija wayeyilo. Futhi wafeza inhloso kaNkulunkulu kahle kakhulu, lowomoya olula wawukuElija, uNkulunkulu waze wawusebenzisa kathathu kwamanye amadoda, vele, futhi wethembisa ukuwusebenzisa futhi ngezinsuku zokugcina. Kunjalo, olula kakhulu, ovele nje ame futhi ukhuluma iQiniso. Wawusebenzisa kuElisha, emva kwakhe. Wawusebenzisa kuJohane umBhaphathizi. Wethembisa futhi, kuMalaki 4, "Ukubuyisela ukukholwa kwabantwana kubuyele ekuKholweni kobaba bephentekoste neVangeli lasekuqaleni." Wa—Wakwethembisa, futhi Uzokwenza. Kunjalo. Lowomoya olula, ongakhaliphile, ongenabuhlakani.

157 UElija wayengesiso isifundiswa sasesikoleni. Wayengesuye ogqamile owaziwa kahle ezweni. Yena, asimazi lapho evela khona. Kodwa nje wayenomuzwa owenele ukukholwa uNkulunkulu. Olula, yilokho-ke, yilolohlobo lwabantu uNkulunkulu alusebenzayo, Azifihle. UNkulunkulu Wazifihla kuElija.

158 Ungathini nje indoda enjengoMose, indoda ejwayelekile yenza izinto azenza na?

159 Ungathini nje ngalokho, uElija, umfo omdala obukeka esavolo nezinwele wonke umzimba wakhe, nesiqephu sesikhumba semvu ezembese ngaso na? Ungathini nje uNkulunkulu ethatha into enjengaleyo, kanti kwakumi abapristi na—nabafundisi benkolo owayefake izingubo ezinde, futhi bephucukile kwisayense yabo yezenkolo, bebushelelezi nje ngakho konke na? Kodwa uNkulunkulu wabedlula bonke.

160 Ukwenza njalo. Ngitshele kanye lapho Ake akwenza khona. Nhlobo. Qhabo, mnumzane. Wedlula yonke into, ukuba ehlele kwesinye isimo esilula. Uzembula Yena uqobo futhi usebenza ebululeni, elula ngempela ukuze wonke umuntu eyoKuqonda. Yilokho okuMenza abe mkhulu. Uba lula, eKwenza kube lula.

161 Futhi, manje, Wedlula. Nakuba izwe laligcwele izifundiswa eziyizazi ezinkulu ngalolosuku, kodwa akukho nasinye sazo Asisebenzisa. Wathola uhlobo olulula lomfo. Kodwa khumbulani, loluhlobo lwalukulowonyaka. Kodwa, niyabo, umoya angena kuwo wawulula kakhulu emfundweni yabo. Base bevele benaKho bekulinganisile, okwakungafika. Babephucuke ngokuphakeme kakhulu baze bageja ubulula baKho, futhi ngezinye izikhathi bahamba phezulu phezu kwaKho, bahlekise ngaKho.

162 Kungikhumbuza ngesaga esidala, "Iziwula ziyohamba ngezicathulo ezinezipikili ezihlabayo lapho iziNgelosi zesaba ukunyathela khona."

163 Umuntu oyobona imisebenzi kaNkulunkulu iqhubeka, futhi azi ukuthi yimisebenzi kaNkulunkulu, futhi ame futhi akubize ngemisebenzi kadeveli, uJesu wathi lokho ngukuhlambalaza. "Uma usho igama elimelene naMi, iNdodana yomuntu, uyakuthethelelwa khona. Kepha okhuluma okumelene noMoya oNgcwele abayikuthethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Niyabo? Kodwa sihamba ngezicathulo ezinezipikili ezihlabayo ngaphansi lapho iziNgelosi zesaba ukunyathela khona.

164 Thina, sikhaliphe kakhulu. Siphucuke kakhulu. Ngangokuthi, yilokho okuba yikho kwiMelika yethu. Sikhaliphe kakhulu. Sizifundisa thina uqobo sidede kuNkulunkulu. Izikole zethu zithumela abashumayeli bakithi njengechwane elichanyuselwa ngomshini.

165 Njalo ngangilizwela ichwane achanyuselwe ngomshini. Lachanyuselwa phansi kokukhanya kokwenziwa. Nento yokuqala niyazi, lalithi "tshiyo, tshiyo" lifuna umama, ngoba leyo yimvelo yalo. Kodwa alinamama. Lachanyuselwa ngumshini wokuchamsela.

166 Yilokho engikucabanga ukuthi inqwaba eningi yaleziziqu iyenziwa, ichwane elichanyuselwe ngomshini, likutshiyozela alazi ukuthi ukhuluma ngani. Kunjalo. Nxa, unesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi uphike leloZwi, futhi uphike

ukuthi uMoya oNgcwele akasuye ofanayo namhlanje njengoba Wawunjalo ngosuku Owathululwa ngalo ePhentekoste.

"Bathi Lowo wawungowabafundi nje."

167 UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kuze kube nini na? "Kuze kube sekupheleni kwezwe, nakukho konke okudaliweyo, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Impela. Tshela . . . Ngizonikhombisa lapho Enikeza khona amandla eBandleni. Ngikhombiseni lapho Awasusa khona. Akukho lapho. Qhabo.

168 Kodwa, niyabo, sithola ukukhalipha kakhulu, sizifundisa thina imfundo ukuqhela kulokho. Sithola isayense yokusebenzisa amagama ngokuyikho nezinto esisebenzela kuzo. "Awu, kuyazindla, leyo yinto efanayo nje. Awu, manje bukani, sinezinyanga ezikahle," sithi, "namhlanje. Sikudingelani ukuphilisa ngokukaNkulunkulu na?"

169 Bukani ukuthi lowodokotela okahle utheni esikhashaneni esedlule. Ufika ekupheleni kweqhaza lakhe, bese ethemba uNkulunkulu. Nakho lapho okhona. Yilokho-ke. Isayense ilungile, inqobo nje uma ukhwela emthini. Futhi uma uze ufike phezulu kude, ungeke usaqhubekela phambili, khwela emthini wokukholwa bese ulokhu nje uhamba, uyabo, ngoba a—asinakuphela kuso. "Konke kuyenzeka kwabakholwayo." Ya. Ya.

170 Isayense ilungile, mayelana nokuhamba kwayo. Imizwa yakho emihlanu ukahle futhi ukahle kakhulu, inqobo nje uma uvumelana neZwi. Kodwa uma imizwa emihlanu igxeka iZwi, khona-ke deda kuwo. Qhabo. Ngingewukholwe umuzwa wami wokuthinta, ngeke ngakukholwa ukulalela kwami, ngeke ngakukholwa ukubona kwami, lutho olunye, uma kuphambene neZwi. Ngizothi ngi . . .

171 Umfo wathi kimi, esikhathini esithize esedlule, wathi, "Angikhathali ukuthi bangaki abantu nina maPentecostal ebeningafakazisa ukuthi baphilisiwe. Angikholelwa kukho."

172 Ngathi, "Impela ngeke. Ungongakholwayo. Kwakungesikho okwabangakholwayo. Kungokwabakholwayo." Impela. Ngempela. Kwakungesikho . . . Akuthunyelwanga kwabangakholwayo. Kwathunyelwa kulabo abakholwayo.

173 UJesu uyafika, khona impela osukwini lokungakholwa. Akuzange kuMyekise. Wavele nje washumayela waqhubeka ngqo, ngokufanayo nje. UNkulunkulu wasebenza izimangaliso, ngokufanayo nje, kulelozwe elikhulu elifundisiwe.

174 Siphila ezweni elikhulu elifundisiwe namhlanje, licaza izakhi ezincane ama atomu, futhi lenza amabhomu, kanjalonjalo, futhi lindizela enyangeni, nosomkhathi, nayo

yonke enye into emhlabeni jikelele. Lokho kuqinisile. Senza lokho. Lokho kuhle.

175 Kodwa, noma kunjalo, kunabantu abakholwa ukuthi lowo mbhaphathizo kaMoya oNgcwele uyafana nje njengoba Wawuhlala unjalo. Abakwazi ukuWuchaza, kodwa bayazi ukuthi banaWo. Lokho yileyonto kuphela okuyiyo nje. Awudingi ukuba uwuchaze, inqobo nje uma unaWo. Amen.

176 *Amen* kusho ukuthi "makubenjalo." Angizisholo kimi u-amen. Kodwa nje ngi—ngi . . . Ngiyalithanda iZwi. MaLibenjalo! Ngi—ngiyazi lokho kuqinisile.

177 UNkulunkulu uzenza Yena abe lula kakhulu ngangokuthi Uvele nje ayothi ngqu phezulu ngaphezu kwa se . . . Abahlakaniphile bakhaliphe kakhulu, lobobuchopho obuncane bekinati, niyazi. Bakufanisile konke. Akukho ongabatshela khona ngakho. Izwe alikwazi ukuvuka, ilanga alikwazi ukukhanya, izwe alikwazi ukujika, ngaphandle kolwazi lwabo ngakho, niyabo. Kodwa uNkulunkulu uvele nje ahambe ngqo ngaphezulu phezu kwabo futhi abayeke nje bahlale lapho. Yileyondlela nje Abehlale enza ngayo. Yebo, mnumzane.

178 Kusukela le ensimini yase-Edene, uMesiya waprofethwa ukuthi wayezofika. "Inzalo yakho iyakuchoboza ikhanda lenyoka, nekhanda layo liyakulimaza isithende." O, he! Kwasho. Abaprofethi baMbona ngaphambili, futhi basho khona impela nje Ayezoba yikho, lapho Ayezozalelwa khona, ukuthi Wayezozalwa kanjani, ukuthi hlobo luni lomsebenzi Ayezolwenza, ukuthi sasiyoba yini isibonakaliso saKhe sobuMesiya. UmBhalo wakulayinisa nje kuze kuyophuma le.

179 Kodwa osiyazi bezenkolo babekufanisile konke, indlela yabo, futhi baMgeja ngamakhulu amamayela. Kodwa Akazange afike ngokuphambene neZwi. Wafika ngokweZwi. Kodwa abaMemukelanga ngani na? Ngoba Akafikanga ngendlela ababecabanga ukuthi Ufanele afike ngayo. Yileyondlela impela abageja ngayo uNowa. Yileyondlela abageja ngayo uMose. Yileyondlela abakugeja ngayo, kusukela konke phansi onyakeni.

180 Bayehluleka ukubona ubulula bukaNkulunkulu enza into ethize. Niyabo? UNkulunkulu Uzifihla lapho. Futhi nje Weqa phezu kwaba—kwabahlakaniphile nabanokuqonda, ngoba Mkhulu kakhulu. Niyabo? Thatha izinto ezimbili zihlangana, *kanje*, futhi uma zedlulana, niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Yileyondlela uNkulunkulu angenza ngayo. Angaba lula kakhulu Angaze aqhele kakhulu komunye umuntu bangaze bangabe besakwazi ngisho nokuthola ukuthi Ukuphi. Amen. Ngiyakuthanda lokho. Ngiyajabula Wakwenza ngaleyondlela, khona-ke nginga—ngingakwemukela. Ngoba, kunomunye umfundaze, engingeke ngazi ukuthi ngenzeni ngawo. Kodwa Wakwenza kwaba lula kakhulu, abantu abanjengami bakwazi

ukukuqonda, noma bakukholwe. Ngakho, ngibonga kakhulu ngalokho.

181 Manje, uMesiya washiwo, ukuthi Wayezofika kanjani, ukuthi Wayezozalelwaphi, ukuthi Wayezokwenzani, ukuthi inkonzo yaKhe yayizoba yini, nokuthi Wayezofika ngasikhathi sini. Kodwa, ngesikhathi Afika ngaso, labo befundisi nabafundisi bezenkolo bangalolosuku babenamasiko amaningi kakhulu, futhi bacabanga impela nje ukuthi Wayezofika kanjani. NomFarisi uthi, "Uma Eke aze afike, Uyoba ngumFarisi." UmSadusi uthi, "Umbhedo; hhayi nalesosigejane sabazenzisayo. Uyoba ngumSadusi." Kodwa uma Efika, Wayengesikho kokubili. Akazange acele okwabo... UNkulunkulu akadingekanga ukuba acele okwabo...ingxenye yokuhlakanipha kwabo, ukuthi ithunyelwa kanjani iNdodana yaKhe.

182 Wakuthuma ngendlela Athi Wayezokwenza ngayo. Ufika ngokwe...Futhi Waletha...Futhi uma wawukhuluma ngoMesiya wabo emenyezelwa esitebeleni, phezu kwenqwaba yomquba, endlini yamankomazi yokukhweza izimpahla; ngabe isigejane esiphucukile sabaFarisi, abazenzisayo, abazenzisi bobugagu bebheke into enjengoMesiya wabo ukuba azongena esitebeleni na? Awu, kwakuyini na? KwakunguJehova, uJehova omncane ekhala njengengane. Babengamlindela yini lowoJehova osabekayo, owaduma okwezulu ehla eNtabeni yaseSinayi, owavuthisa intaba ngomlilo, owavula uLwandle oluBomvu, waba yiNgane esitebeleni na? O, lokho, isayense yabo yezenkolo yayingenakukugwinya lokho. Qhabo, impela, hhayi uMesiya wabo.

183 Bathi, "Nxa uNkulunkulu ethuma uMesiya, okungenakungabazeka, Uyokwehlisela phansi imihubhe yaseZulwini. Uyoba nesibingelelo esiyisaluthe seziNgelosi eziyizigidi eziyishumi zehla. Uyofikela ngqo ethempelini uMose asishiyela lona, noma uSolomoni asakhela lona lapha. Futhi Uyoza aqonde ngqo kulelithempeli, futhi Uyosemukela khona lapha. Nompristi wethu omkhulu esimkhethile, indoda yakithi eyinduna, owakithi omele uhulumeni, kumbe noma ngabe kuyini, Uyoza kuye bese ethi, 'Sengifikile. Ngilapha. Yimi lo. NginguMesiya. AwusaNgiboni na? Niyabo, umhubhe uyokwehla. Ngivela eZulwini.'" Yileyondlela ababekufanekise ngayo.

184 Kodwa ngenkathi Efika, Wayesendlini yokukhweza izimpahla, wazalwa ngumama o...nobaba owayene—nemuva lokuzalwa ngaphandle komshado kukho, kwakubonakala kunjalo, njengoba babecabanga. Esongwe ngezimbeleko zaKhe, bayangitshela, yayisuka ejokeni lenkabi, lowo ohluphekile. UNkulunkulu owadala amazulu nomhlaba, futhi wenza yonke into ngoKristu Jesu; futhi lapha kwakunguye impela uMdali, uNkulunkulu, Owenza wona impela amazulu nomhlaba, elele esitebeleni, esixhekeni sotshani obomile Ayebudalile,

qobo lwaKhe. UMdali wamazulu nomhlaba waZithoba, ukuba abe ngophansi kunabo bonke. Ophakeme kunabo bonke eba ngophansi kunabo bonke, yilokho okwaMenza uNkulunkulu. Yilokho okwaMenza waba yilokho Ayeyikho. Niyabo, WaZithoba. Umuntu wayengenakukwenza lokho.

185 Ubeka umuntu phezulu, mnike nje u—umdonso omncane enhlanganweni, mfowethu, ungeke waba ngakuye. Yilokho kuphela okukhona kukho. Ungumfana nje! Ukhukhumalise okwexoxo lidla inhlamvu. Ubungeke—ubungeke wenza lutho ngaye. Kodwa, kodwa, niyabo.

186 Kodwa, uNkulunkulu angaZithoba ngoba Mkhulu kakhulu. Ungaphambili le kwalokho esikubiza ngokuthi kukhulu. Ungakwelinye icala. Futhi Mkhulu kakhulu ngangokuthi AngaZithobisa. "NgiyaKubonga, Baba, wamazulu nomhlaba ukuthi Uzifihlile lezizinto kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda." Njengoba ngishilo, sicaza isakhi iatomu futhi ngeke sakuchaza ukuphila okusedlebeni lotshani. Niyabo? Sihamba phezu kwabo, yona impela into ememezela uNkulunkulu. Sihamba phezu kwesihloko sabo.

187 Leyo yinto efanayo esiyenza namhlanje. Yebo, mnumzane. Bahamba phezu kwesihloko sa*Lokhu*, okunguNkulunkulu esimweni sencwadi, kunjalo, futhi bemukele isivumokholo esithize somuntu noma umbhedesho esikhundleni saKho. Uthengisa ngobuzibulo bakho ngokudlanyana, ngenxa yokuthandwa ngabantu, ngebandla eliyonivumela nibe nezinwele eziphunguliwe nezikhindi, bese linithumela emaphathini engxubevange yotshwala nezinto ezinjalo, bese-ke uzibiza ngomKristu. Ngiyakudabukela. Kunjalo.

188 Kungesikho ukunithethisa; kodwa—kodwa ngezinhlonipho zokumesaba uNkulunkulu nothando. Kunjalo. Dedani entweni enjengaleyo. Buyelani kuNkulunkulu neBhayibheli laKhe. Buyelani eQinisweni leVangeli. Ya. Nivumela inhlangano ethize inisonge niqhele ezintweni zikaNkulunkulu na? Ningakwenzi neze lokho. Buyelani endleleni elula kaNkulunkulu. Yiwa ngamadolo akho nje bese uthi, "Nkosi Nkulunkulu, angikhathali ukuthi ini, ukuthi unginika kanjani Khona, kodwa ngilapha ngaKho." Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Yibani qotho ngakho.

189 Ngishisekele kakhulu ukuninika Khona kunoma nizoKwemukela. Anidingi ukulinda, nilinde, nilinde. Ayikho into enjalo. "Kwathi uPetru esakhuluma lawamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela kubo abaLizwa." Kunjalo. Inkathazo yakho ingukuthi, asiLifuni ngokwenele. Asilifuni. Asifuni ukuzithoba. Kunjalo.

190 Ngangishumayela lapha, kungekudala, futhi kwakukhona inenekazi elajabula ngempela, futhi lamemeza. Kwakukhona umfana odlala ibheyisbholi edolobheni. Wathi, "Billy, bengimi ngaphandle. Angikwazanga ukungena." Wathi, "Bengijabulela

umlayezo wakho kwaze kwaqala lowo—lowo wesifazane ukukhala futhi eqhubeka kanjalo." Wathi, "Bonke labobantu baqala ukudazuluka futhi baqhubeka." Wathi, "Lokho nje kugijime kwaba ngamakhaza abandayo wonke umhlane wami."

"O," ngathi, "awukukholwa lokho na?"

Wathi, "Qhabo."

191 Ngathi, "Uma bengakwenzi, bekuzogijima kube ngamakhaza abandayo wonke umhlane wami." Niyabo? Ngathi, "Bengingeke ngazi ukuthi bengikhuluma kuphi, ukuthi bengikhuluma ngani." Niyabo?

192 Futhi ngakho wathi . . . Wayengumuntu omubi ngokwedlulele kwibheyisbholi. Futhi ngishintsha . . . Wathi, "Awu, ubani ezweni owake wezwa ngento enjengaleyo na?" Wayesonta enhlanganweni yebandla efanayo engiphuma kuyo. Wayesethi, "Awu, manje, uMlayezo wakho ubukahle, obukhuluma ngakho. Kodwa ubani obengakuzwa na?"

193 Ngathi, "Bekungesikho mayelana no 'kuzwa' ngaleyonkathi. UMoya oNgcwele ubulapho. Yiwona owengamele." Niyabo? Ngathi, "Isikhathi sami sokuba ngithule uma Efika, uyabo, futhi Ungena phakathi kwabantu."

194 Wathi, "Ha-ha-ha, Billy," wathi, "uluhlanya nje. Yilokho kuphela."

195 Ngathi, "Awu, mhlawumbe ngiyilo." Ngathi, "Uma ngiyilo, ngingomunye wezinhlanya ezijabule kunazo zonke owake wazibona." Niyabo? Ngase ngithi, "Ngi . . . "

Wathi, "Awu, ngifuna ukukutshela." Ngakhuluma naye.

196 Ngathi, "Awusho!" Nepaki yebheyisbholi ayikude nendlu. Ngathi, "Yini le ezweni eyayenzeka laphaya, ngobunye ubusuku na?"

197 Wathi, "Sengathi ngabe ukubonile!" Wathi, "Uyamazi uCharles Nolan? Ngiyasho! Amadoda amathathu ebheyisini!" Futhi waxhuxhuma nje ngakho konke.

198 Ngathi, "Awu, nina sigejane sabagingqiki abangengcwele, angikaze ngiwuzwe umsindo onje empilweni yami." Ngathi, "Ukuba ngangilapho, ngangingeke ngisho okuningi kakhulu ngakho. Ngangiyoma nje futhi ngibuke."

Wathi, "Wena, manje, awunandaba nebheyisbholi kakhulu impela."

199 Ngathi, "Impela qha." Ngathi, "Anginandaba ngebheyisbholi, ngakho angiyikhathalele." Ngathi, "Ukuba bengiyikhathalele, bengiyokwenza ngendlela efanayo owenza ngayo. Futhi ukuba ubukhathalele uNkulunkulu wami, nokuFika kweNkosi uJesu, namandla kaNkulunkulu, ubuzokwenza ngendlela efanayo ngenkathi uMoya oNgcwele utheleka endlini."

200 Kuya ngokuthi hlobo luni lukamoya okuwe, ukuthi wena uzondla ngani. Impilo yakho izondla ngokuthize. Ngase ngithi, "Ungabi yinqe lidla izidumbu ezindala zesibhucu esidala sasemhlabeni. Zondle ngezinto zaseZulwini, iZwi likaNkulunkulu. UJesu wathi, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.'" Zondle ngeZwi laKhe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

201 Ngakho-ke ngenkathi uJesu efika, babenakho bekufanekise kahle baze baba naYe emkhulu kakhulu. Abakwazanga ukubona ukuthi kwakungenzeka kanjani ukuthi uMuntu omkhulu njengalo angake aze azalelwe esitebeleni. Abakwazanga ukubona ukuthi uMuntu omkhulu njengalowo ake aze abe lula kanjalo.

202 Yileyonto efanayo namhlanje. Abantu ucabanga ukuthi inkolo, inkolo yamaKristu, izofanele ibe nebandla elikhulukazi, indlu enkulukazi, iogani elinamapayipi elikhulukazi lesigidi samadola, izihlalo zasesontweni ezinesikhumba esifana nesevukuzi.

203 Wake waba seIreland na? Senake namqaphela Patrick oNgcwele, nina maKatolika enambiza ngeKatolika na? Wayethi nje akafane kakhulu njengoba nginjalo. Ngakho senake nakhuphukela lapho na? Wayengenakho ngisho nokuphanyeka isithombe sokubethelwa silenga endaweni yakhe. Wabhikishela ibandla laseRoma kakhulu ngakho konke ayengakwenza. Wayengavumeli ngisho nabantu ukuba bahlale phansi. Wayebavumela bathi vishosho phansi esinqanyini se—seplangwe elidala, hhayi iplangwe, kodwa idwala e—esakhiweni. Isakhiwo sakhe namanje sisami lapho. Wabafundisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. UFrancis oNgcwele, nongcwele . . .

204 Nalabobaguquli abakhulu basekuqaleni namadoda emuva ngalezozinsuku, ukuthi awufundisa kanjani umbhaphathizo kaMoya oNgcwele! Ukuthi wenza kanjani uMartin oNgcwele, uIrenaeus, lawomadoda amakhulu, afundisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele! Ayengabavumeli abantu bawo bathokomale, futhi bahlale bazungeze esikhumbeni esifana nesevukuzi, nezinto ezinjengesizenzayo namhlanje. Kepha nokho sibiza lokho ngokuthi ibandla eliphumelelayo. Umuntu ubiza impumelelo, ngesinye isikhathi, ngokuthi inkolo.

205 Kwashiwo eCalifornia, ukuthi, "Umuntu akasuye okamoya aze abe nezimoto eziphambili oKadilaki abathathu." Ngowami umbono, lokho kungalenkathi eqhela kuNkulunkulu. Kunjalo. Ibandla lePentecostal namhlanje liziphatha ngokwehlukile ngempela kulokho iBandla lephentekoste lasekuqaleni elalikwenza.

206 Ngangikhuluma kwiChristian Business Men ngesinye isikhathi, ezansi lapho. Angazi ukuthi baze bangibuyisa kanjani. Ngiqagele, ngoba bayangithanda. Kodwa a—a—angi . . .

207 Ngibatshela nje lokho engi—engikwaziyo ukuthi iNkosi iyakusho. Angikusho ukuba ngikhaliphe. Uma ngikwenza, ngidinga ukuba phansi lapho ealtare. Ngikusho ngoba ngiyabathanda. Ngiyabahlonipha.

208 Ngobunye ubusuku ezansi lapho, befakaza phambi kosomabhizinisi bomhlaba, bangaki oCadillac abanabo, nokuthi yini ibhizinisi labo elincane. Ngathi, "Lawomadoda awakufuni lokho. Atshele ngokuzithoba kukaKristu." Ngathi, "Nehluke kakhulu eBandleni lasephentekoste lasekuqaleni. Bathengisa ngakho konke ababenakho, futhi bapha abampofu, futhi baphuma beshumayela iVangeli." Ngathi, "Nina bantu nizama ukuba nisho ukuthi niphumelele kangakanani, ukuthi ninokungakanani." Hhayi ukuthi ninokungakanani; kungakanani eningakususa!

209 Ngacabanga, lowomfo izolo ebusuku, ekhuluma ngento efanayo. Umfowethu omncane othize wephentekoste waseChicago wasukuma. Wathi, "Mfowethu Branham, ngithanda ukubiza isandla sakho."

Ngathi, "Sibize."

Wayesethi, "Yilapho iBandla lenza khona iphutha."

Ngathi, "UMoya oNgcwele wenza iphutha? Ungeke."

210 Wathi, "Lalenza lapho. Uyabo, ngenkathi kuvuka ukuhlushwa, babengenakhaya abangaya kulo."

211 Ngathi, "Impela intando kaNkulunkulu. Base-ke beya ndawo zonke, besakaza iVangeli, ngoba babengenayo enye indawo abangaya kuyo." Ungeke wamehlula uNkulunkulu. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu wavele nje wathengisa ngakho konke okwakuphansi kwabo, ngakho babengenandawo abangaya kuyo, futhi nje babehamba beshumayela ndawo zonke, indlela kuphela uNkulunkulu ayengabatholela ukuba baye kuyo.

212 Kodwa, namhlanje, sithanda ukufuthelanisa phansi, niyazi, futhi sihlezi ngokuthokomala. Futhi uma umelusi esho noma yini esingayithandi, kwiAssemblies, bese sithuthela kwabakaMunye. Uma esho noma yini esingayithandi, awu, ekugcineni, siyophethela kwiBaptisti noma iPresbyterian, noma kwenye indawo lapho esingenza khona noma yini esifuna ukuyenza. Yilokho—yilokho-ke. Lowo yithina. Bese-ke sizibiza "ngamaKristu"? Nifuna okunye . . .

213 Nivotela umelusi wenu, inqwaba yenu, ebandleni lenu. Futhi uma nikwenza, nifuna isifundiswa esikhulu esiphucuzeke ngokuphakeme kunazonke, ukuze nikwazi ukutshela omakhelwane, "Umelusi wethu unesiqu so—sobudokotela, uDkt. wethu u*S'bani-bani*." O, he! Niya—niyadeda kuNkulunkulu. Nina . . .

214 UNkulunkulu Uzembula ebululeni. Lalelani. Lokho kwakukukhulu kakhulu kulabo abaphakeme, abantu abafundiswe kakhulu kwezemfundo, abantu abafundisiwe bangalezo usuku. UNkulunkulu Ezifihla ebululeni, eNganeni encane.

215 Bhekisisani ngenkathi beMbethela, o, lokho kwashaya isipikili. Iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyadlula, ngalentambama, babethela iNkosana yokuPhila. Ngenkathi, labobapristi abakhulu ababemangele, ngenkathi beMbona enza izimangaliso Azenza, futhi bazi ukuthi Wagxeka izinhlangano zabo. Wabahhundula. Wabathuntutha isikhumba sasuka kubo. Futhi Wabatshela ukuthi babengelutho kodwa isigejane sodeveli, futhi, "Phendukani!" Futhi ba . . .

216 "UNkulunkulu angakwenza kulawamatshe," kwasho uJohane, "angamvusela uAbrahama abantwana. Ningacabangi ukuthi ningabantwana bakaNkulunkulu ngoba uzalwa uyiJuda. Futhi ngakho Mo-. . ." Wathi, wababiza lapho ngokuthi, "izinyoka otshanini," nayo yonke into.

217 Kwase kuthi ngenkathi Emi lapho esiphambanweni, bathi, "Manje, uma UyiNdodana kaNkulunkulu, uma UyiNdodana kaNkulunkulu, Ungehle yini esiphambanweni futhi sizoKukholwa." Niyabo? Izinto ezifanayo. Ngenkathi babengacabanga ngaleNdoda yenza isimangaliso, khona-ke babengenakukuphika lokho. Kodwa ukuMbona emi lapho, yena impela uNkulunkulu wokudaliweyo!

218 Manje, ngiyayazi lenkambiso yesimodeni namhlanje bazama ukuMenza omunye umuntu othize. Kodwa Wayengesuye omunye umuntu kodwa uNkulunkulu uqobo lwaKhe. Kunjalo. Namhlanje, inkambiso yesimodeni yathi, "Wayengumfundisi omkhulu. Waye—Wayengumprofethi." Wayengumfundisi omkhulu, futhi Wayengumprofethi. Kodwa Wayengaphezu komfundisi. Wayengaphezu komprofethi. WayenguNkulunkulu, engengaphansi ngalutho kunoNkulunkulu.

219 "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." UJesu wathi, "AkusiMina owenza lezizinto. NguBaba waMi, futhi Uhlala kiMi. NguBaba kiMi." WayenguNkulunkulu ebonakaliswa enyameni.

220 Omunye wesifazane weSayense yamaKristu u . . . Ngiyaxolisa, bengingahlosile ukubiza lelogama manje. Ngi—ngiyaxolisa ukuthi ngishilo lokho. Kodwa wathi kimi, wathi, "Mnu. Branham, ngiyakujabulela ukukhuluma kwakho, kodwa," wathi, "uqhosha kakhulu ngoJesu."

221 Ngathi, "Ngiyabonga. Uma kuyilokho kuphela engikwenzayo, lokho kubi kakhulu—kakhulu," ngathi, "khona-ke nginesiqiniseko seZulu." Ngathi, "Ngifisa sengathi ngabe nginezinye futhi izilwimi cishe eziyisigidi ukuba ngiqhoshe ngaYe."

222 Wathi, "Awu, uMenza into Angesiyo."

Ngathi, "Uyiyo yonke into kimi."

223 Wayesethi, "Awu, manje, ngingafakazisa kuwe . . . UMenza uNkulunkulu."

224 Ngathi, "WayenguNkulunkulu. Uma Wayengesuye uNkulunkulu, Ungumkhohlisi omkhulu kunabo bonke izwe eselake laba nabo." Ngathi, "WayenguNkulunkulu. Akasilele ngalutho kuNkulunkulu."

225 IGazi laKhe uQobo lalinguNkulunkulu. Sisindiswa nge "Gazi likaNkulunkulu." Wayengesilo iJuda, kanjalo Wayengesuye oweZizwe.

226 Ubulili besilisa buveza inhlayiya yegazi. Udokotela uyakwazi lokho. Isikhukhukazi singazalela iqanda, kodwa uma singazange sibe nenyoni yeduna, ngeke lichamsele. Alizaleki. Kunjalo. Niyabo? Line . . . Ingqamuzana legazi livela ebulilini beduna.

227 Futhi kuloludaba, uJehova uNkulunkulu wayeyisilisa. Wadala ingqamuzana leGazi kuMariya.

228 Nani bantu abangamaKatolika nimbiza ngo "mama kaNkulunkulu." Wayengaba kanjani ngumama kaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu ungongenasiphelo futhi uPhakade na? Wayengesuye umama kaNkulunkulu. Wayengumshini wokuchamsela uNkulunkulu awusebenzisa, ukuletha iNdodana yaKhe lapha. Impela.

229 Kodwa wathi, "Wayeyiqanda na?" Qhabo, mnumzane. Wayene, wayeyodingeka abe nomuzwa, manje-ke buka ukuthi umenza ini uNkulunkulu.

230 Wayengodalwe ngokoqobo, uNkulunkulu, uNkulunkulu wokudaliweyo edalwa esimweni soMuntu. Kunjalo impela. Futhi ngenkathi Enza . . .

231 Wathi, "Ngani, ngingafakazisa kuwe ngeBhayibheli lakho uqobo ukuthi Wayengelutho kodwa umuntu."

Ngathi, "Kwenze."

232 Wayesethi, "Ngenkathi Yena, kuJohane oNgcwele 11, Wehlela ukuyovusa uLazaru." Wayesethi, "Ngenkathi Ehamba, iBhayibheli lathi, 'Wakhala izinyembezi.'" Wayesethi, "Kwakhombisa ukuthi Wadingeka abe ngofayo, kungenjalo Wayengeke akhale izinyembezi."

233 Ngathi, "Leyompikiswano incane kunomsobho owenziwe ngethunzi lenkukhu ebulawa yindlala." Ngathi, "Ungazami ukungitshela lokho."

234 Ngathi, "Ngifuna ukukutshela into ethize. Ngenkathi Ehlela lapho ethuneni, kwakuyiqiniso, Wakhala izinyembezi. WayenguMuntu, ekhala izinyembezi. Kodwa ngenkathi Ebamba owaKhe omncane, umzimba omncane ndawonye, wathi, 'Lazaru,

phuma!' Nomuntu, kwase kuyizinsuku ezine efile, wama ngezinyawo zakhe wabuye waphila. Lokho kwakungaphezu komuntu, owayengabiza ofileyo. Lowo kwakunguNkulunkulu eNdodaneni yaKhe." Kunjalo impela.

235 Kwakuyiqiniso, ngenkathi Ehla esuka entabeni ngalobo busuku, elambile, efuna into angayidla, wabuka kulowomuthi, futhi akangathola lutho angaludla, wayesewuqalekisa umuthi. Lowo kwakunguNkulunkulu, elambile. Kodwa ngenkathi ethathe amabheskidi amahlanu namaqatha amabili enhlanzi, wayesepha izinkulungwane ezinhlanu, lowo kwakunguMdali, uNkulunkulu eNdodaneni yaKhe. Wayeyi . . .

236 WayenguMuntu elele ngemuva kwalowomkhumbi ngalobo busuku, ngenkathi odeveli abayizinkulungwane eziyishumi basolwandle befunga ukuthi babezoMminzisa. Lowomkhumbi omdadlana ushukunyiswa, njengesivimbo sebhodlela phandle lapho. WayenguMuntu elele lapho, elele ubuthongo. Amandla ayephumile kuYe. Kodwa ngenkathi Ebeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yokudonsa useyili, isikebhe, wabuka phezulu wayesethi, "Thulani, nithi du," nemimoya namagagasi kwaMlalela, lowo wayengaphezu koMuntu. Lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngaYe. WayenguNkulunkulu-Muntu.

237 Abakwazanga ukukubona. Futhi esiphambanweni, bathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, Zisindise," kwasho isela kuYe. "Futhi uma UnguMesiya, yehla esiphambanweni. Sikhombise. Uma UyiNkosi yabaJuda, uma UyiYo, lokhu, yehla futhi usikhombise." Niyabo, lokho kwakuyoba ngukukhombisa igunya.

238 UNkulunkulu Wayezithoba ebululeni, ethatha isimo sokufa. UNkulunkulu, isimo esiphakeme kunazo zonke sokuPhila, siba ngesiphansi kunazo zonke, saqalekiswa ngokuphila, isoni, ukuba sife, ukuveza ukuvuka. O, he! UNkulunkulu Ezifihla ekufeni, ukuzikhombisa Yena ekuvukeni. UNkulunkulu, isimo esiPhakame kunazo zonke, ukuPhila okuPhakade, kwenza uMuntu, umzimba, waKhe uQobo ukuba ahlale kuwo, uba ngukuphila okuphansi kunakho konke kokuphila, isidalwa esingumuntu, siqalekiswe nguNkulunkulu. Futhi ethatha isiqalekiso, sibe phezu kwaKhe uqobo, futhi afe, eZifihla kulezozifundiswa ezinkulu ezifundisiwe.

239 Ngenkathi udeveli eMehlisela lapho, futhi baMboza amehlo aKhe ngendwangu, base beMshaya phezulu ekhanda, base bethi, "Manje, thina, bangitshela ukuthi Wena ungumprofethi. Profetha manje futhi usitshele ukuthi ubani oKushayile. SizoKukholwa." Bedlulisa induku, omunye komunye. Akazange awuvule umlomo waKhe. Ngenkathi beMphimisela ebusweni, bamhluthula intshebe engagcwala izandla. Bathi, "O, uma lokho . . ." Udeveli wathi, "Uma lowo bekunguNkulunkulu,

siMtholile. Yilokho kuphela." O, Mbukeni lapho, nokho. WayenguNkulunkulu. Ngenkathi enyuka . . .

240 Ake sithathe ikhamera yethu futhi siyibhekise emuva kuleyontambama emnyama, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, kulentambama. Mbukeni enyukela egqumeni. Ngiyakuzwa ukugqugquzela. Kuyini na? Yisiphambano esidala esimigoxigoxi senyukela emmangweni. Sihudula siphuma namanyathelo aneGazi oMthwali, lapho sibhampa phezu kwalawomadwala, lapho sehla ngomgwaqo.

241 Ngibuka wonke umhlane waKhe, ngamachashaza amancane kuyo yonke leyongubo ende engenamthungo. UNkulunkulu wokuDaliweyo ethwele sona impela isiphambano Asidalayo. Lapho, iGazi likaEmanuweli seliqale ukubonisa umhlane, ngamabala. Lapho Enyuka igquma, lawomachashaza aqala ukuba makhulu eba makhulu. Khona manjalo, onke angena kokukodwa okukhulukazi ukusaphazeka kweGazi. Futhi ngakweyaKhe emincane, ethobile, imilenze engasenamandla, baqala ukuphimisa. Kwakuyini na? Wayethisa ihlombe laKhe, amandla aKhe obuntu. Kwakuyini lokho na? UNkulunkulu, uNkulunkulu eZifihle ebululeni. Lowo kwakunguNkulunkulu ethwele lesosiphambano.

242 Lapha Wenyuka igquma, ekhubeka, lapho iGazi ligobhoza kuYe. Wawa. USimoni wasiqukula isiphambano, ukuba aMsize ngaso.

243 Lapho Enyuka igquma, udeveli wathi, "Uyazi uk'thini?" Wathi, "Sengiyazi manje Akasuye uNkulunkulu. Ngiyazi Akasuye. Ubengeke neze akwenza lokho. SengiMtholile manje. Senginqobe wonk'umuntu. SengiMtholile. Ngakho ngiyazi lowo akusuye uNkulunkulu."

244 Ngakho wathumela inyosi yokufa, ukuba iMtinyele; futhi lapho inyosi iqala ukububuza ngakuYe, niyazi, izinyosi, izilokazana ezinezitinyeli. Nokufa kunesitinyeli. Kodwa, niyazi, uma isilokazana sike sitinyele kujule, sidonsa isitinyeli saso siphume. Ngakho uma sike sagxilisa okwehange kumuntu, umuntu ojwayelekile . . . ukuba Wayekade engumuntu ojwayelekile nje, umprofethi. Wayetinyele umprofethi abaningi, futhi wafa. Kodwa ngenkathi etinyele Lowo, walahlekelwa yisitinyeli sakhe. Akabange esaba naso isitinyeli emva kwalokho. UNkulunkulu; wayigxilisa okwehange inyama yakhe kuEmanuweli, futhi kwadonsa isitinyeli saphuma ekufeni.

245 Eminyakeni embalwa kamuva, ngenkathi babezobulala omunye wabaphostoli baKhe, uPawulu oNgcwele omkhulu, wadazuluka wayesethi, "O kufa, siphi isitinyeli sakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa akabongwe uNkulunkulu, osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." Yebo, mnumzane.

Kwakuyini na? UNkulunkulu waZithoba. O!

246 Ngenkathi umuntu ona, wawela igebe elikhulu elibekwe phakathi kwakhe noNkulunkulu, eshiya indlela yakhe emuva, kungekho lutho. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wathatha isibambiso, wanikela ngesibambiso, futhi wasemukela. Manje-ke uma umuntu ebezokwemukela lesisibambiso sibe esendawo yakhe, khona-ke ubengawela abuyele enhlanganyelweni noNkulunkulu, njengoba ngishilo ekuqaleni. Futhi manje-ke, iminyaka, bebehamba ngegazi lezimbuzi, nezimvu, nezilwane. Zazingenakusisusa neze isono. Lalisisibekela kuphela isono.

247 Kodwa manje-ke kwenzekani na? Kwenzekani na? Ngoluny'usuku nakho kufika into ethize eyayikwazi ukususa isono, iGazi leNdodana yaKhe uQobo. Futhi Yasusa isono.

248 Manje, lapha kungekudala . . . Manje, angizukwazi. Kungahle kubekhona ososayense behlezi lapha. Ngizophawula. Ngizokubiza ngento ethile nje. Akusho khona lokho, nhlobo. Kodwa ngizosho, sasivame uku . . . Sithola, njengelincane elilodwa, iconsi lika inki elilula. UNkulunkulu angazifihla kulokho. Niyabo? Uma kuyiconsi lika inki, lalifanele libe yinto ethize ngaphambi kokuba libe yiconsi lika inki. Ake sibone ukuthi liyini.

249 Ukuqala, yiconsi, u inki. Liyini na? Ngamakhemikhali izithako zemvelo. Silihlakaza silibuyisele emuva. Lavelaphi na? "Awu," wena uthi, "manje-ke, emanzini alo." Leyo yi$H_2O$, indlela yokubumbeka. Leyo yingxenye yalo.

250 Manje-ke linekhemikhali kulo, lombala. Wavelaphi umbala na? Manje, munye kuphela umbala ongowasekuqaleni, nalowo ngomhlophe. Siyakwazi lokho. Yonke eminye imibala yenziwe isukela komhlophe. Ngakho manje-ke, siyathola, lize lafika kanjani na? Leli lize lavelaphi na?

251 Manje asililandele emuva. Into yokuqala uyazi, "Awu, awu," wena uthi, "liba yi esidi."

252 Ukusuka kwi esidi, bese liba yini na? Into elandelayo, liyabuya, "Awu," wena uthi, "bese liba ngelisuka e—ekukhanyeni." Yini ukukhanya na? Kuza kumamolekhuli imisuka emincu eminingi kakhulu.

253 Futhi manje asithi imolekhuli umsuka owodwa, umsuka wesine, umsuka wesishiyagalombili, uhlangana ndawonye, wase wenza iatomu elilodwa, iphindaphindwa ne atomu lesine, iphindaphindwa ne atomu lesithupha. Manje, ukuba beku yi atomu lesine uphindaphindwa ne atomu lesihlanu, belinga*mhlophe*. Kwenzeke waba ngelesithupha. Yini enquma lokho na? Ngizitholaphi isithako ikhemikhali, ndawonye, ukwenza lowombala, u inki omnyama? Niyabo? Kulungile.

254 Konke kubumbekile. Manje-ke lavelaphi na? Ladingeka livele kwenye indawo ethize. Ladingeka livele kuMdali, ngoba ngokudaliweyo. Okudaliweyo kuzofanele kuvele kuMdali.

255 Ngakho manje-ke lifika ku inki. Lalingelenhloso. Lingabhala ukuxolelwa kwakho. Lakwazi ukubhala uJohane 3:16 futhi lisindise umphefumulo wakho. Bese kuthi-ke, futhi, lalingabhala ukulahlwa kwakho, futhi likuthumele egumbini lokufa. Lilapha ngenhloso.

256 Manje, yonke leminyaka selibe yilokho ebeliyikho, lanqunyelwa yinto ethize, ukuba lenziwe libe yilokho eliyikho. Manje uyoke uze ulibuyisele kanjani emuva lapho na?

257 Bakhiqiza into ebizwa ngokuthi yisisusamabala iblishi. Nina besifazane niyasisebenzisa, iClorox. Manje, nginomgqomo weClorox ihlezi lapha, futhi ngiconsisela leloconsi lika inki kulelobhakede leClorox. Manje thola umbala wakho. Kwenzekeni kuwo na? Kwenzekeni na? Into yokuqala eyenzile, ushaye amanzi, washaya iClorox. Lesosithako ikhemikhali besisikhulu kakhulu saze sawuthumela le emuva. Ungeke wabona intuthu yawo noma lutho olunye. Usuhambile. Awusophinde ubekhona, ngoba uphenduke wabuyela endaweni yawo yasekuqaleni ukuya lapho uvela khona.

258 Futhi manje yilokho impela iGazi likaJesu Kristu elikwenzayo esonweni. IGazi likaJesu Kristu! Vuma isono sakho phezu kweGazi likaJesu Kristu. Liyashiya. Lifaka oLwandle lokuKhohlwa, nokuthi singaphinde sikhunjulwe simelene nawe, nhlobo.

259 Manje, liphi iBandla namhlanje, bazalwane, uma sizalelwe ukuba sibe amadodana kaNkulunkulu na?

260 NoJesu qobo lwaKhe wathi, "Uma umthetho wakini uqobo wathi ni 'ngonkulunkulu,'" onkulunkulu abancane benokulawula umhlaba. Wathi, "Uma bebiza labo 'ngonkulunkulu,' eleza kubo iZwi likaNkulunkulu," okwakungabaprofethi. IZwi leNkosi liza kumprofethi. "Futhi uma nibabiza 'ngonkulunkulu,' ningilahla kanjani Mina ngecala," Wathi, "uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?"

261 Manje, ukuba igazi lezinkunzi nezimbuzi lalinganika amandla uMose, ukuba aphumele lapho, ngokuthuma kukaNkulunkulu, futhi elule leyontonga, futhi athi, "Makube khona izibawu." WayeneZwi likaNkulunkulu, futhi wakhuluma leloZwi. Futhi ngenkathi ekwenza, labakhona livela emcabangweni kaNkulunkulu. Izwi umcabango ozwakalisiweyo. Futhi ngakho-ke ngenkathi uNkulunkulu ekucabanga, futhi wawufaka emqondweni kaMose, futhi wawukhuluma, uba yiZwi. NoMose waphenduka wayesebuyela emuva; mhlawumbe kungekho-sibawu ezweni. Ehoreni kusukela ngaleyonkathi, mhlawumbe eyodwa impukane el'hlaza endala iqala ukuzungeza ibubuza. Ngohhafu wehora, kwase kukhona amaphawondi ayishumi isikwele esisodwa seyadi.

Kwakuyini na? IZwi likaNkulunkulu elinokudala elakhulunywa yizindebe zomuntu ofayo.

262 UNkulunkulu usebenzisa abantu. UNkulunkulu wayengasebenzisa ilanga ukuba lishumayele iVangeli. UNkulunkulu wayengasebenzisa umoya ovunguzayo ukuba ushumayele iVangeli. Kodwa uNkulunkulu wakhetha abantu ukuba bashumayele iVangeli.

263 Yini indaba ngebandla namhlanje na? Kukhona okungalungile. Umbono wami, asizi ngalobo buqotho, entweni efaneleyo, ngalokho. Uma uNkulunkulu wakwazi ukwenza lokho ngegazi lenkunzi, izimbuzi nezinkunzi elalimboza isono kuphela futhi lenza inhlawulo ngesoni, kodwa isono sasiselokhu silapho (kuphela lemboza ngaphezulu), yini Angakwenza ngeGazi leNdodana yaKhe eliyeka isono na? Futhi uNkulunkulu akakhiqizanga, kodwa Wadala iGazi elisusa sonke isono.

264 NoMarku 11:24, "Noma yini eniyisho kulentaba, 'nqukuleka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwa ukuthi enikushilo kuzofezeka, ningaba nakho enikushilo." Liphi iBandla lephentekoste, namhlanje na? Amen. Aniqondi ukuthi leso esivunyiwe, isono esivunywe ngokweqiniso, kuyeka isono. Uma kungekho ukuyekwa kuso . . . Kwakha ibriji ngaphesheya kwaleligebe, elithatha umuntu limbuyisele eBukhoneni boMdali waKhe futhi limenze indodana kaNkulunkulu. Amen. "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Amen. Nakho lapho okhona. "Ngiqinisile ngithi kini, uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwa ukuthi enikushilo kuzofezeka, ningaba nakho enikushilo." Udumo kuNkulunkulu. NguNkulunkulu wami Ezembula ekuthobekeni. Niyabo?

265 UNkulunkulu ethatha isoni esithobile futhi esihlanza ngeGazi laKhe, futhi esiconsisela lesosono esivunyiwe kulesosisusamabala iClorox seGazi leNdodana kaNkulunkulu, futhi efaka ukuPhila kwaKhe uQobo kulowomuntu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Bese-ke uma sinombhaphathizo kaMoya oNgcwele wangoqobo, yini engalungile kithi na? Kanti, umfanekiso, ngenkathi uElija ewisa ingubo ende enzela uElisha, wathola okuphindwe kabili kwayo. UJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza. Nemikhulu kunalo niyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba waMi." Yini engalungile, bandla na?

266 Manje, nisibize ngoBelzabule, ngemibono nezinto ezinjalo. Suka emva kwami. Mfowethu, yehlela esiphambanweni. Yana eVangelini. Asidingi ukuzifanisa nomuny'umuntu. Kungani ningathatha ukuzifanisa nomuny'umuntu na? Kungani ningathatha omunye umqondo wamanga ngaLo na? Kanti, izibhakabhaka zigcwele amandla angoqobo ePhentekoste enza owesilisa noma owesifazane, indodana noma indodakazi

kaNkulunkulu, ambuyisela eBukhoneni bukaNkulunkulu. Amen. Nakho lapho okhona. UNkulunkulu Ezembula ekuzithobeni.

267 Nizofanele nidede emicabangweni yenu uqobo. Nizofanele nivumele umqondo owawukuKristu ube kini. Nizofanele nihlale lapho kuze kuthi sonke isono sokwesaba, sonke isono sokungabaza sesihambile enhliziyweni yakho. Futhi uma ulapho, futhi uNkulunkulu engakuthathi futhi ayeke izono zakho futhi akuthumele eBukhoneni bukaNkulunkulu, kukhona okungalungile ngesehlakalo sakho.

268 Angikhathali ukuthi zingaki iziqu zikadokotela onazo, ukuthi uyibandla elikhulu kangakanani, nhloboni yesondo elikhulu ongowakulo, zingaki izinhlangano, noma ngabe kuyini, akuhlangene ngalutho nakho, izono zakho zize zivunywe futhi zibe seGazini likaJesu Kristu. Umi umsulwa, indodana ezelwe ngokusha nendodakazi kaNkulunkulu, nokuPhila kukaNkulunkulu kukuwe, ukukhuluma iZwi lokudaliweyo, "Lentaba mayinqukuleke," futhi izokunaka. Amen.

269 UNkulunkulu Ezembula ekuzithobeni. Ucosha labo uhlobo olungenamfundo. Ucosha labo izinhlobo abazokholwa nje yilokho. "NgiyaKubonga, Baba, Mdali wamazulu nomhlaba, Ukufihlile lokhu kwabahlakaniphile nabanokuqonda."

270 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] ". . . ijezisiwe futhi ishayiwe. Kepha thina sathi Ijezisiwe ishayiwe, impela, nguNkulunkulu. Kepha Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu." IClorox yafika. "Yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo. Nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

271 Yenzani na? YaZithoba kwaze kwaba sekufeni, ngoLwesihlanu lukagudi ntambama, ukuze Ivuke ngeSonto lePhasika, amen, ukuphinde ithumele uMoya oNgcwele phezu kweBandla, nokuphindwe kabili kwaWo, ukuze senze izinto ezifanayo Ezenzayo, Eyazenzayo. Yethembisa, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Nokuthi siqhela kangakanani kuYo, ngamasiko ethu! Nakho lapho okhona.

272 UNkulunkulu Ezifihla ekuzithobeni, Ezembula emandleni, yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo. Lolo wuhlelo lukaNkulunkulu lokukwenza, yebo, mnumzane, ukuze Alethe amadodana awele leligebe.

273 Sengivala, ngingasho lokhu. UNkulunkulu ezifihla ekufeni, ukuba afike futhi ekuvukeni. Ngifuna ukunixoxela indaba encane engayifunda kungekudala, sengivala. Bathi . . .

274 Ngesikhathi yeMpi yokuQala yoMhlaba, nganginabafowabo bakababa abadala lapho. Abazala bami wayekuleyompi. Abaningi babo babulawa.

275 Kodwa endaweni eyodwa, ngaleyonkathi, babena—nalo lonke ibutho lamasosha, amabutho aseMelika, exozomelwe. Impi yamaJalimane yayiwaxozomele. Nokudubula kwemishini gani, nezinganono ezinkulu, nanoma yini ababenayo, nokudubula kukambayimbayi, noma ngabe kuyini, kwakuwaxozomele. Awakwazanga ukuphuma, futhi ayikho indlela yokuphuma.

276 Kunebutho lonke lamasosha abhubhayo khona lapho, ngoba ayemacala onke. Ayenamabhanoyi. Engelokothe enyuse eyodwa; ayidubula ayilahle phansi. Indoda izama ukuphuma; awu, wona, macala onke nje. Kwakungekho lutho. Izibhamu zawo ezinhle zazehlulekile. Lonke isu lawo lokuphamba lezempi lalehlulekile. Ayevalwe yisitha. Yayingekho indlela yokuphuma. Kwakungekho lutho.

277 Manje-ke, ekugcineni, isosha elilodwa elincane liyenyuka. Lathola ijuba elifuywayo, elinye lalawomajuba afuywayo andizela ekhaya. Lelo kwakuyilona themba lawo. Abhala umlayezo, futhi bacabanga, "Uma lelijuba elufuywayo lingahle liphumelele kuphela, futhi libuyele ekomkhulu elikhulu lapho elivela khona, lingathatha lomlayezo." Ijuba elifuywayo lomlayezo, ijuba elifuywayo eliyisithunywa, naleyo kwakuyiyonanto kuphela ayenayo: elilula, ijuba elincane elifuywayo. Zonke izinto zawo zezempi zazehlulekile. Kodwa aye nelilula, ijuba elincane elifuywayo. Abhala umlayezo ase ewubophela emlenzeni walo omncane, ase elidedela, ngesibusiso nomkhuleko, ukuthi lalizophumelela.

278 Kusobala, amaJalimane alibona lelojuba elifuywayo elimhlophe lenyuka. Alidubula, nayo yonke enye into. Inhlamvu eyodwa yadabula ephikweni lalo, yashaya kwaphuma amaqubu. Enye yalihluthula ngasentanyeni yalo, yanqamula isikikila salo. Enye yashaya umlenze walo owawunomlayezo kuwo. Kodwa ijuba elincane elifuywayo bandla lalilokhu lindizile, lizama ukungenisa umlayezo. Lifanele. Kwakukhona impilo eyayisengozini. Ekugcineni, ngemizabalazo yalo, nokubhakuza emoyeni, nokuphenduka, nokundiza, nokuwa. Futhi lawela emakamu, noma inkambu lapho amasosha lalikhona.

279 Elinye isosha lalicosha, lalibuka. Lomfo omncane wathi, "Lidutshuliwe." Wavula, wabuka umlenze walo omncane, emlenzeni walo omncane olimele, futhi kwakukhona i—inothi. Balifunda inothi. Lalimbozwe yigazi. Nakuba lalimbozwe yigazi, umlayezo wafinyelela. Wafinyelela. Bathumela usizo, masinya, futhi kwasindiswa onke amabutho amasosha. Ukuba ijuba elincane elifuywayo lalingafinyelelanga, onke lawomadoda ayeyobhubha. Inhlekelele enje pho okwakuyoba yiyo! Kwakuyoba yinto embi kabi. Naleyo kwakuyinto enkulu ukuba lelojuba elincane elifuywayo liyenze, nakuba kwabiza igazi lalo. Igazi lalo lalisemlayezweni.

280 Leyo kwakuyinto enkulu, kodwa ingesiwo uhhafu njengokukhulu, kwaze kwathi ngoluny'usuku ngenkathi isono sasixozomele amadodana kaNkulunkulu. Kwakungekho-mathemba. Yayingekho into ababengayenza. Onke amathemba lalingasekho. Kodwa nakhu kufika, hhayi ijuba elifuywayo, kodwa iJuba. Eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, ngalentambama, ebululeni, lalizalelwe emkhombeni, lifa esiphambanweni, kodwa Lafinyelela eZulwini neGazi LaLo uQobo eMlayezweni. Futhi Lakhulula amadodana kaNkulunkulu, ukuthi manje sesingabuye futhi sibe amadodana kaNkulunkulu namadodakazi kaNkulunkulu, ukuba siphile ebungcweleni nobumsulwa, ukuba siphile eBukhoneni baKhe. Ngibonga kakhulu ngaleloJuba elehla livela eNkazimulweni, elathatha uMlayezo, ukuthi, ngangisekudingeni, futhi Landiza labuyela eZulwini naWo. Futhi Lalinegazi, yonke indawo, lapho izono zezwe zazenze khona. Kodwa, namhlanje, ngikhululiwe. Ngikhululekile. Ngijabula kakhulu.

281 Kepha, nokho, abalula bangaKuqonda. Ngiyajabula ngingolula ngokwenele ukuKuqonda. Anijabuli ngalokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Anibongi na? ["Amen."] UNkulunkulu Ezifihla ebululeni.

282 "Iba ngeyazisayo nethukwayo. Sathi Ithukiwe futhi ihlushiwe. Sasithibeza, njengoba kwakunjalo, ubuso bethu kuYo." Yayingesilo isosha elikhulu ababecabanga ukuthi Yayizoba yilo. Yayingesiyo indoda eyiqhawe lezempi ababeyibhekile. "Kepha baYisithezela ubuso babo." Babenamahloni. "Kepha, nokho, Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngenxa yobubi bethu." Kwakuyini na? UNkulunkulu Ezifihla ebululeni. UJehova eba nguMuntu, ukuze Afele abantu; ukubuyisela uMlayezo emuva, ngeGazi laKhe uQobo, okudingwa nguNkulunkulu, ukuthi intengo yase ikhokhiwe, futhi sihlengiwe.

283 Futhi namhlanje, ngakho konke ukuthoba, awudingi ukuba ngokhaliphile, awudingi ukuba nemfundo. Kholwa yilowoMlayezo nje, iZwi likaNkulunkulu. Nawe futhi ungasindiswa futhi ube yindodana kaNkulunkulu, ukuba ume eBukhoneni bukaNkulunkulu, futhi wenze imisebenzi kaNkulunkulu.

284 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje sisacela izibusiso zikaNkulunkulu ngalezizinto.

285 Kukhona engifuna ukunibuza khona. Namhlanje, njengoba imisakazo uqhubekile, namaphepha. Ngibone iphepha kulokhu ukusa, lapho abebenza khona umdlalo, indoda ithwele isiphambano. Banazo zonke izinhlobo zezinto. Ekuseni ngePhasika, yonke indlu yesonto izohlotshiswa ngeminduze. Ama altare azobe egcwaliswe ngeminduze. Unogwaja wePhasika uthatha indawo, izinkukhu, ngiyamangala ukuthi lokho

kuhlangene ngani nePhasika. Unogwaja, isilwane esingcolile, ebusweni bukaNkulunkulu, babenqatshelwe ngisho ukubadla noma babathinte ngesikhathi seBhayibheli. Nenkukhu, into efanayo, amadada. Kodwa nokho kwathatha indawo yokuvuka. USanta Claus wathatha indawo kaKhisimuzi. O, he! Selifike kuphi izwe, mngani na? Sikuphi na? Niyabona ukuthi sesishonephi na? Siqonde ngqo ngasemgodini. Kunjalo. Sixozomelwe yisono, nezivumokholo nemibhedesho.

286 Kodwa isiThunywa safinyelela, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, ngalentambama. Okudingekayo kwafinyelelwa kukho. "INdodana kaNkulunkulu, yenziwe ngomfanekiso wenyama enesono, yazalelwa emkhombeni. Ingenabuhle ukuba siYifise. Yayingumuntu wokuthukwa. AsiYifisanga. SaYisithibezela ubuso bethu." Sisenza into efanayo namhlanje.

Wena uthi, "Ngangingeke ngikwenze."

287 O, isimo sakho sokuziphatha namhlanje siyakufakazisa ukuthi wawuzokwenza. Ukwenza manje. Niyabo? Ungeyithathe yini indlela yakho ngokuzithoba na? Uthi, "Nkosi Nkulunkulu, angikhathali ukuthi kungibizani. Angikhathali ukuthi kuyini. Sengiqedile ngesono." Angi—angisho ukuthi nibabi, angisho ukuthi niyabhema, niyaphuza, kumbe noma yini. Kodwa anilikholwa iZwi. Niyabo?

288 Uma nilikholwa iZwi, thanini, "Nkosi, angikhathali ukuthi kungibizani. Kungibiza ihlelo lami, uma kungibiza iphathi yokuthunga, uma kungibiza iklabhu yami, uma kungibiza ukuthandwa kwami ngabantu phakathi kwabangani bami, angikhathali ukuthi kubizani. Ngizokwemukela umlayezo waseKalvari. Ngizothobeka. Ngizozithoba, kusukela kulesisikhathi kuqhubeke."

289 "Ngiyazi, uma ngiyekela izinwele zami zikhule," abesifazane, "bazongibiza ngefeshini endala. Angikhathali ukuthi bangibiza ngani. Ngizoba yinenekazi. Bangitshela ukuthi ngibukeka sengathi ngiphaphathekile futhi ngifile. Ngifile kuKristu. Ngizokwenza."

290 Abesilisa, "Angikhathali ukuthi ngumbhedesho ongakanani nesivumokholo abazama ukungigwaza ngakho. Kusukela manje kuqhubeke, ngemukela uMlayezo othobile kaNkulunkulu. NgizoWukholwa. Ngizohlala lapho izono zami zize zihambe. Ngizohlala lapho uMoya oNgcwele uze uthululeke kimi, ukukholwa kwalo lonke iZwi likaNkulunkulu elilotshiwe. Wangethembisa Lona. Futhi uma nginalelogebe ngaphesheya lapho, ibriji, ngeGazi laKhe elilungileyo, khona-ke ngingama njengendodana kaNkulunkulu. Ngilikholwa lonke iVangeli. Ngizokwenza."

291 Ningathanda ukwenza lokho na? Ningathanda ukwenza lokho kuzahlukanisela njengamanje na? Uma ningathanda,

phakamisani isandla senu kuNkulunkulu. Bese nithi, “Ngikhumbule, Mfowethu Branham, lapho ukhuleka. Ngifuna uNkulunkulu ukuba akwenze.” UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Kulungile. Yena uyasibona isandla sakho.

292 Baba wethu waseZulwini, ukuzithoba, ukuthobeka kokukholwa nguWe, ukuthi Wena Uzembula kanjani ekuthobekeni! Ukuthi sithola kanjani kulezizinsuku, nazo zonke izinsuku, ukuthi ibandla liyozithola likulesosimo. Khona-ke Uyogobela phansi ngqo emseleni, kungekho ndawo, bese ucosha okuthize, ukugcobe, ukuthumele phandle, futhi kuyonqatshwa, bese-ke wehlulela izwe ngakho.

293 Nkulunkulu, siyabona namhlanje, ukuthi, iminyaka engamashumi amahlanu, uMoya oNgcwele oligugu, abantu abazame ukuWemukela ngemibhedesho, kepha nokho UWukhiphe ngamandla aWo nokuzibonakalisa kwaWo. Ompofu, isigejane esikhahlelwe sakhishelwa ngaphandle, abantu abadelelekile baWemukela, baWukholwa. Uzenzemkhulu Wena kubo, Nkosi. Futhi manje siyababona, kwesinye isizukulwane, bezama ukuba ngabazukulu kuNkulunkulu. O Nkulunkulu, into embi kangaka pho! Kwangathi abesilisa nabesifazane bangabaleka masinya baye ekuzithobeni kokukholwa iVangeli. Siphe khona, Nkosi.

294 Izandla eziningi ziphakamile lapha, kulobubusuku, abesilisa abaningi nabesifazane. Futhi, Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa. Ngikhulekela ukuthi ngabo lobubusuku bazothola ukuthula kukaNkulunkulu kuleyo ngayinye yezinhliziyo zabo; ukuthi bazogcwaliswa kakhulu ngoMoya waKho, ukuthi bazoba nokukholwa ukuba benze izimangaliso, ukukholwa ukuba baphile impilo yokumesaba uNkulunkulu; ukuba baphile impilo emnandi kakhulu, ukuthi, uma kukhulunywa kabi ngabo, bangakhulumi babuyisele ngokubi; ukuthi bangaphindisela ngokwanga ekumukulweni; ukuthi bangaphindisela ngokuhle kokubi. Siphe khona, Nkosi. Yenza abantu babe ngabazithobile. Yenza abantu ukuba bafike ekwazini Wena emandleni nasekuvukeni kwaKho. Kwangathi ukufa kwaKho kungebe yize kithi kulesisizukulwane.

295 Siyakhuleka manje ukuthi Uzovusa iBandla laKho, Nkosi. Ulikhazimulise futhi Ulenze l’khulu. Lithumele ekhaya eNkazimulweni. Siyazikholwa lezizinto, Baba. Yenza abaningi lapha, kulobubusuku, abafuna uNkulunkulu, ukuba baMthole kulelihora. Sikucela eGameni likaJesu.

Futhi amakhanda ethu sisawakhothamisile.

296 Angazi manje noma beningafuna ukwenza esinye isinyathelo ngakulokho, uma ningathanda ukusukuma bese nithi, “Anginamahloni, nakuba ngisonta. NgiyiMethodisti, iBaptisti, noma iPentecostal,” noma ungaba yini. “Anginamahloni. Ngiyaqonda ukuthi ngithembele kakhulu

impela kwengikwaziyo. Kodwa angikaze ngifike endaweni lapho engingathi ngokugcwele ngikholwe yiVangeli eligcwele, nokuLenza lisebenze empilweni yami. Ngibone izinto. Ngikholwa ukuthi ziyizithembiso. Ngifuna ukulikholwa. Kodwa Yena wangitshela, uma ngiLikholiwe, *leli* liyosebenza. Ngakho, kukhona okungalungile kimi. Alisebenzi. Ngizamile ukuLenza lisebenze, kodwa Alikwenzi. Futhi nginamahloni ngakho. Futhi ngifuna izwe ukuba lazi, ngifuna abantu lapha ukuba bazi, ukuthi ngiqotho futhi ngiLifuna empilweni yami. Ngifuna ukuba ngufakazi oqinisileyo kaKristu, ngeVangeli eligcwele Lizibonakalisa kahle empilweni yami." Ungama ngezinyawo zakho bese uthi, "Ngifuna ukuba ngufakazi ukuthi ngifuna uNkulunkulu"? UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Niyabo?

UJesu wathi, "Uma ninamahloni ngaMi phambi kwabantu, Ngiyakuba namahloni ngani phambi kukaBaba."

297 Manje, njengoba lababantu oyiPentecostal, noma amaMethodisti, noma amaBaptisti, enalezizinto eziqinisileyo, uma niwele lelogebe, naze nazi okuyikho ukuthi nimi eBukhoneni bukaNkulunkulu, indodana ehlengiwe nendodakazi kaNkulunkulu? Nezibonakaliso nezimanga, hhayi ukuzenzisa, kodwa impahla yangoqobo kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, uvutha phakathi kwenu na? Nenikusho kulentaba, iyagudluka na? Niyakukholwa lokho na? Uma ingagudluki, manje sekuyisikhathi senu.

298 "Nazi kanjani ukuthi ngeyami . . . " Wena uthi, "Awu, ngama, ngaphambili."

299 Awu, uma ngempela ulambele uNkulunkulu, uyolokhu umile Uze ufike. Akukho ukuphela kuwo. Wena uyaphikelela. Njengowesifazane waseSirofenike, akazange amthathe u "qhabo." Wayekufuna, ngempela. Usukulungele ukuma na? Abanye futhi ngaphambi kokuba sikhuleke na? Leloculo elimnandi:

> Wabethelwa esiphambanweni ngenxa yami;
> Esiphambanweni ebethelwe, lapho Wafela mina.

300 "NgiyaWufuna, Mfowethu Branham. NgiyaWufuna, Nkulunkulu. NgiWufuna ngempela. Impilo yami, awu, ngifuna ukuguquka. Ngi—ngiphile ngokuqagela kanjalo. Ngiphile ngokuthemba kanjalo. Ngifuna into ethize. Ngi—ngiyaWufuna. Uma labobaphostoli babekwazi ukushaya lowomaka onguziro, ngaso sonke isikhathi, kanjalo nami ngingawushaya."

301 Yilokho engikushoyo. Uma Wabasebenzela abaphostoli, Usebenza manje. Uma kwake kwenzeka, kuyenzeka futhi. Uma Wayelokhu enguNkulunkulu njalo, Usenguye uNkulunkulu. "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Leso yisigqi sami somkhankaso. Uma ihlelo lakho lingakukholwa lokho, ihlelo lakho malikholwe yilokho abafuna ukukholwa yikho.

Wena kholwa iBhayibheli. Likholwe. Nizokuma na? Cishe isishiyagalombili noma elinye ishumi futhi lisukumile ngaleyonkathi. UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise. Abanye futhi abamile, abanye futhi abamile. "Ngiqotho ngempela, Mfowethu Branham. NgiyaWufuna."

302 Kukhona into eyenzeka ngoluny'usuku. Nafunda, noma nezwa iteyipu, "imidumo eyisikhombisa," *S'khathi Sini, Mnumzane na?* Niyabo? Kwenzeka ngoluny'usuku. Niyazazi lezizinto. Isikhathi sesiseduze, bandla. Isikhathi sesiseduze. Ninga, ninga, ningabe nisalinda esinye isikhathi eside. Niyabo?

303 Nazi ngani ukuthi uHlwitho alulokhu lwenzeka ngaso sonke isikhathi na? Into yokuqala niyazi, luyokwedlula, omunye enyamalala *lapha* na*laphaya*. Luyobe seluhambile, into yokuqala niyazi. Futhi niyo. . . Ukwahlulela kuyogadla ezweni. Wena uthi, "Awu, nga—ngacabanga *lokhu*." "Sekuleyithi kakhulu manje."

304 Khumbulani, abakwazanga kwaze kwaba lusuku abangena ngalo emkhunjini, kwase kuthi-ke kwaba leyithi kakhulu. Intombi eyisiwula ayazanga yaze yabuya yase ithola intombi ehlakaniphileyo ingasekho, khona-ke yashiyelwa isikhathi sokuHlupheka.

305 Akukho thisha okahle okholwa ukuthi iBandla, uMlobokazi. . . Ibandla ledlula kukho ukuHlupheka, kodwa hhayi uMlobokazi. Ibandla ledlula kukho, ukuba lihlanzwe, impela, phansi kophawu lwesithupha. Kunjalo. UIsrayeli wenza into efanayo, ngezinkulungwane eziyikhulu namashumi amanenane, kodwa hhayi uMlobokazi. Kukhona . . .

306 UMlobokazi uyathethelelwa. Uqonda ngqo eNkazimulweni, oHlwithweni. Kunjalo. Yena, ngowami umbono, ilunga lokugcina liyohlwithwa, ngolunye lwalezizinsuku. Lungafika, futhi aniyikwazi lutho ngalo. Khumbulani, luyimfihlo, ukuhlwithwa okuyimfihlo. "Uyofika ngehora eningalicabangiyo." Aniyikwazi lutho ngalo. Uyobe esehambile; sekuleyithi kakhulu ngaleyonkathi.

307 Wena uthi, "Ngifisa sengathi ngabe ngama." Uma wake wahlosa ukuba uthathe isinqumo sokuma, makube yilomhlangano, eAlbuquerque, lesi makube isikhathi owenze ngaso isinqumo sokuma.

308 Manje, uma ngempela uzizwa ulondolozekile ngoKristu, uzizwa ukuthi unoMoya oNgcwele neGazi likaJesu Kristu, zonke izibonakaliso nezithembiso kusekuyaleni kwakho, futhi Wena uzibona zibonakaliswa futhi zisebenza empilweni yakho, futhi uyazi ukuthi ziqinisile; uma uhlale lapho kanjalo, futhi ukukholwa, ngizothatha izwi lakho ngakho. Lokho kukuwe. Uma ungakwenzi, ufanele ngabe umi ngezinyawo zakho. Kodwa uma ukukholwa lokho, futhi wazi ukuthi lezozibonakaliso nezimanga uJesu, ukuqinisekiswa kukaMesiya, ukhuluma kuwe;

uma kungenjalo, khona-ke ufanele ume ngezinyawo zakho. Busiswa. Kunjalo.

309 Ngiyisihambi kwabaningi benu. Abaningi benu ungithathe njengomboni. Angishongo lutho ngalokho. Niyakwazi lokho. Ngigcine . . . Lelo akukabisilo ihora. Kodwa niyangikholwa manje. Niyangikholwa, njengenceku kaNkulunkulu. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okufezekayo na? Uma kunjalo, thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akukaze kwehluleke, ngezinkulungwane zezinto, akukaze nakanye kodwa ngaphandle kwalokho obekuyiqiniso. Niyakwazi lokho, umhlaba jikelele.

310 Nakuba, ningavumelani nami, abaningi, kwisayense yezenkolo. Futhi angisuye usiyazi wezenkolo. Ngikhuluma kuphela engikuzwayo. Bese kuthi-ke uma ngikuzwa, ngibheka eBhayibhelini. Uma kungahambisani neBhayibheli, ngingeke ngakwemukela. Kodwa akukaze nakanye kuke kuphambane neZwi, kodwa kuhambisana neZwi. Yingalesosizathu kuqiniswa. UNkulunkulu uyaqinisekisa.

311 Manje, niyangizwa, ke. Uma ningikholwa ukuthi ngiyi—yisithunywa esithunywe sivela kuKristu, ngiza kini, ngikholweni. Uma ningekho eMbusweni kaNkulunkulu, kungcono nicindezele ngokushesha impela.

312 Akuzukuba ngcono. Kuzokhula kuba kubi kakhulu, sonke isikhathi. Manje kumakeni phansi nje lokho. Niyabo? Khumbulani nje, nibone ukuthi ngabe lokho kulungile noma akulungile. Nibone ukuthi ngabe kuzolunga noma kungalungi. Akuzukuba ngcono. Kuzoba kubi kakhulu. Kuzoba l'khuni kakhulu, sonke isikhathi. Imvuselelo ayisekho. Nikhothoza kuphela emasimini. Seliphelile. Manje wena uthi, "Ngiyaphikisana nalokho." Kuhle. Kulungile, uma ukwenza. Lokho kulungile. Leyo yinkolelo yami. Lokho ngukuzwa kwami eZulwini.

313 Ngikholwa ukuthi unyaka waseLawodikeya ungunyaka wamaPentecostal, lapho elifika khona endaweni yokuba sivivi, noNkulunkulu alihlanze emlonyeni waKhe. Futhi yilapho eselifike khona manje. Inhlangano yamaPentecostal isifike kuleyondawo, esivivi, ayishisi bhe, ayibandisi okuka ayisi. Awubandi futhi ube nguwe ngegama nje, kanjalo kawushisi. Usesigabeni sokuhlanza, futhi uyahamba.

314 UJesu, unyaka kuphela Ama ngawo ngaphandle kwebandla. Imibhedesho yabo yayiMbeke ngaphandle. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti—Umhl.] Engqongqotha, ezama ukubuyela emnyango, "Bheka, ngimi emnyango, ngingqongqotha; uma noma imuphi umuntu eyozwa iPhimbo laMi . . . " Ngiyajabula nizwile, kulobubusuku.

Manje, ngingnanicela kuphela ukuba nime.

315 Uyanibuka. UJesu washo, ukuthi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngilapho phakathi kwabo." Uma lokho kungenjalo, akekho uNkulunkulu; alikho iBhayibheli; akukho ukuphuma kwelanga; akukho ukushona kwelanga; azikho izimbali; asikho isihlahla; ngempela awukho lapha; usephusheni; ukuphila akusikho okwangempela; awusiso isidalwa esingumuntu. Ngakho, akunakwenzeka ukuba lokho kube njalo, ngakho akunakwenzeka kuYe ukuba angabi lapha. "Futhi uma niyocela noma yini eGameni laMi, ukukholwa kokukholwa, Uyonipha khona."

316 Manje, lowo nguwe manje. Umele ukuba ufakazi, ukuthi uyaMfuna. Manje, ngendlela yakho uqobo, indlela okhuleka ngayo, indlela okufuna ngayo, ngifuna uthi, "Nkosi Nkulunkulu," enhliziyweni yakho. Manje unganaki . . . U—u—umkhankaso lapha uzokunika inqwaba yesikhathi salokhu, sonke isikhathi osifunayo. [UMfowethu emsamo uthi, "Yebo. Kunjalo."—Umhl.]

317 Manje, ngendlela yakho uqobo, ngendlela yakho uqobo. Manje, ngiyazi kuvamile ukuthi kuma umuntu oyedwa, omunye ame, abanye aguqe phansi nga*le*ndlela. Kodwa noma iyiphi indlela ofuna ngayo, angikhathali ukuthi kuyini. Ungasho ukuthi, "Nkosi, mangenze *lokhu*. Mangenze *lokho*." Thana nje, "Nkosi, ngigcwalise. Ngigcwalise ngoMoya oNgcwele. Ngiqotho kulokhu. Ngikusho ngempela." Manje, uma ukusho ngempela, Uzofika. Akunakwenzeka ukuba Wona ungafiki. WaWethembisa, futhi Uzama ukucindezela angene enhliziyweni yakho.

318 Into kuphela, uvule kancanyana nje, bese uthi, "Ngena ngaphakathi bese uma *lapha*, kodwa ungahambi ujikeleza, ugange ngempilo yami yangasese." Niyabo?

319 Ufuna wena. Ufuna konke oyikho. Ufuna onke amakamelwana enhliziyweni yakho. Ufuna impilo yakho yangasese. Ufuna yonke impilo yakho. Ufuna ukuba yiNkosi yakho. I *Nkosi* ngu "bunikazi." Ufuna wena ube ngowakhe uqobo, ukuze Akwazi ukukuhola, akuqondise, akuthathe, akusebenzise. Uyavuma ukwenza lokho na? Uma uvuma, Ufuna ukungena, kungenjalo ubungeke ume lapho. Niyabo? Ngakho manje sekuyihora lakho ukuba uWemukele.

320 Manje sekukini. Manje, uma nizokholwa ngayo yonke inhliziyo yenu, kuzoxazululwa kusukela khona manje. Lobu kuzoba wubusuku besikhumbuzo. Mhlawumbe abazukuyivala leminyango kulobubusuku. Nizohlala bonke ubusuku phakathi lapha. Kodwa uma nenza kanje, nithi, "Nkosi, ngimi ngezinyawo zami. Uze Ungigcwalise ngokwesithembiso saKho, angisoze ngagudluka lapho engimi khona." Yiba ngozimisele ngempela kuNkulunkulu, Uzoba ngozimisele ngempela kuwe.

321 Kodwa uze wenze, ushaya ngesando, "Nkosi, Uzongipha uMoya oNgcwele kulobubusuku na? Angizwa lutho. Awu, mhlawumbe ngizozama kusasa ebusuku." Awuzukuthola lutho kuNkulunkulu, kanjalo.

322 Ufanele uze, ushisekele, ufa, bese uyaWuthola-ke. Kunjalo. WaWethembisa. Uma ungenjalo, usisebenzisela ini isikhathi sakho, uma lezozithembiso zingelona iqiniso na?

323 Zenzeka kanjalo-ke lezizinto. Yingakho ngingama bese ngithi ezweni, "Selake lehluleka yini iZwi na?" UNkulunkulu wangethembisa, emuva lapho, ngisengumfanyana. Yingaleso sizathu.

324 Uthi, "Awesabi ukwehluleka na?" Angesabi neze. Ngihlala njalo ngiyisehluleki. Yena akehluleki neze.

325 Angikhulumi amazwi ami. Ngikhuluma awaKhe. Yingalesosizathu Ehlala njalo eqinisile. Niyabo? Yingalesosizathu ngibuza izwe, "Ngikhombise kanye elingafezekanga khona. Ngikhombise kanye, ngezinkulungwane zezinto Azisho." Nakanye Lake lehluleka khona, futhi Alisoze, ngoba LinguNkulunkulu, hhayi umuntu.

326 Ngakho, uNkulunkulu ulapha manje. UKristu uphakathi kwethu. Uyathanda ukuninika uMoya oNgcwele uma nithanda ukuMemukela. Hhayi ukukhokha inani; inani selivele likhokhiwe. Inani lakhulekelwa lokhu . . . lakhokhwa ngalentambama, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula, uma nithanda ukukwemukela. Uma nithanda, inhliziyo yenu mayihambe manje. Ivuleni nge. Khiphani konke ukwesaba, konke ukungabaza. Phakamiselani izandla zenu kuNkulunkulu, nithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngilapha. Ngimi lapha. Ngimi eGameni likaJesu Kristu."

Ngizonikhulekela. Khulekani, nani.

327 Nkosi Jesu, ngendlela yokuzithoba, ngendlela yokuthobeka, nginikela kuWe lelibandla abemi ngezinyawo zabo. Ngibanikela kuWe, ngoba bame ekusabeleni obizweni. Bafuna izinto ezijule kakhulu. Bafuna kakhulu ukuPhila, emva kokuzwa ukuthi iGazi likaJesu lihlanzisisa kakhulu, ukuthi ayisekho enye into; ukuthi iZwi likaNkulunkulu eliphelele liphumula phakathi kwabo; ukuthi wona impela umyalo wephimbo labo uqobo ungamandla anokudala, ngoba kubo nguMoya oNgcwele. NaloMoya oNgcwele unguMdali. Wenza izinto, kufezeke, ngoba Ukhuluma iZwi. NeZwi, elikhulunyiwe, liba nguNkulunkulu emnyakazweni.

328 Futhi, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzothumela uMoya oNgcwele phezu kwabo bonke njengamanje. Bese ubakhulululela wona, Nkosi, ngamandla okuvuka kukaKristu, izinto abazifisayo enhliziyweni yabo: impilo engcono, umbhaphathizo kaMoya. Nkosi, kwangathi kungaba njalo, ukuthi lezizethameli zizokhanyiswa, izinhliziyo zabantu zizobona umbono futhi

zigcwaliswe ngamandla kaNkulunkulu. Ngibanikela kuWe, Nkosi, eGameni likaJesu Kristu.

329 Manje yibani nilokhu niphakamise izandla zenu. Nilokhu nikhuleka ngekhanda lenu. Nilokhu nigcwaliswe inhliziyo yenu, nje nithi, "Nkosi, ngiyaKukholwa."

> Ngigcwalise. Ngigcwalise. Ngisindise.
> Moya kaNkulunkulu ophilayo, yehlela kabusha kimi.

330 Lethani umholi wenu wamaculo lapha manje, ukuhola iculo, "Yehlela kabusha kimi, Moya oNgcwele."

331 Gcinani nje, "Angi—ngikhathali. Ngizoma khona lapha, Nkosi. Ngisesandleni saKho, njengomehluleli ongalungile. Ngikhona lapha."

(Busiswa, mfowethu. Wenze umsebenzi omangalisayo kakhulu, yingakho ngifuna wena ukuba usihole lapha.)

332 Yima lapho nje, "Ngizoma njengesithombe esibazwe ngetshe. Ngizoma njengoba kwenza lowomshumayeli ngobunye ubusuku ophahleni. Ngimi lapha, Nkosi. Angikhathali ukuthi ubani ongibukayo. Angikhathali uma umelusi wami lapha. Angikhathali ukuthi ubani. Ngilapha. Ngifuna into ethize. Ngifuna into ethize yenzeke kimi. WaWethembisa. Ngilapha ukuWemukela. Futhi uma Uzobasebenzela abanye, Uzongisebenzela nami. Ngilapha ukuba ngiWemukele. Angizukuhlala phansi. Ngishisekele."

333 (. . .?. . . O, ngiyaxolisa Mfowethu . . .?. . .) [Omunye emsamo uthi, "Iculo elilodwa, mfowethu. Bayalithanda. Ukufuna phezulu lapha. Kulungile na?"—Umhl.]

334 Yilokho-ke. Hlalani nalo ngqo. Yibani nilokhu nikhuleka nje, uma nikusho ngempela, uma nikusho ngempela. Amen. Nikusho ngempela, hlalani khona lapho. Umi ngakini. Hlalani nalo ngqo, "Ngilapha, Nkosi. Angizukugudluka. NgizoKukholwa. WaWethembisa. Angizukuthatha ukucabangela. Ngifuna uMoya oNgcwele wangempela kimi. Ngifuna Wena ungigcwalise khona manje. Ngilapha, ngilindile."

335 Ningayeki. Qhubekani nje nikhuleka. Ningawunaki umnyuziki. Qhubekani nje nikhuleka. Yileyo inkathazo yethu, namhlanje: silalela umnyuziki; silalela into eyodwa, enye. Sifanele ukulalela iPhimbo likaNkulunkulu. Qhubekani nilalela. WaWethembisa. Uma AWethembisa, Uzokwenza. Amen.

336 Kukangaki ngibona! Amehlo abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amabili namashumi amathathu evuleka. Kukangaki ngibona! Lapho eThekwini, eNingizimu Afrika, ngibone izimangaliso eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu ezigqamile, ngesikhathi esisodwa. Abantu

bemile, kanjalo impela, baze bathatha imithwalo yamaveni ayisikhombisa amakhulu izinhlaka nezihlalo zamasondo zivela kwabomdabu boblankethe ababengasazi isandla sokudla kwesokunxele. Bama khona lapho futhi bemukela uKristu, futhi basuka bahamba; babekhubazekile, bephuphuthekile, bengezwa, beyizithulu. Uma Uzokwenzela umAfrika omnyama, Uyonenzelani nina enifanele ukuphila esikhathini, ebandleni, endaweni lapho uMoya oNgcwele ubonakaliswa khona na? Amen.

Thoba, zithobe, "Nkosi, ngiyakholwa. Ngiyakwazi. Ngi . . ." Woza.

337 Manje, kukhona okungalungile. Futhi akukho okungalungile kuNkulunkulu. UNkulunkulu waWethembisa.

338 Ngakho ngisize, bengingama khona lapha bese ngehla ngesikhala sezihlalo emva kwesikhala sezihlalo, nginitshele, nonke, lapho enikhona nenikwenzile. Ngikusho lokho eGameni leNkosi uJesu. Niyazi lokho kuqinisile.

339 Futhi ngiyabona ukuthi uyesaba ukuzikhulula. Wesaba into ethize. Kukhona okungalungile. UNkulunkulu akenzi isithembiso bese-ke ebuyela kuSo. SiyiQiniso, khona lapha, uma niLifuna. Kukuwe. Ngukufa kwakho; ngumngcwabo wakho; ngokwakho okukhishiweyo. Nanto iZwi.

340 Ngakho ngisize, uMoya oNgcwele ulapha. Ngakho ngisize, uJesu Kristu uphakathi lapha. Sengake nganitshela noma yini engalungile na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Ulapha. Kodwa, kunokuthize. Bengimi lapho, ngibhekisisa Lokho, ngibona lokho kuKhanya kushaya indingilizi ngokunqamula ngqo endlini lapha, phezu kwethu, nje emuva naphambili. He, he!

341 Nakho lapho oya khona. YiLokho-ke. Yileyondlela-ke. Kutheleke kwinenekazi elincane ngapha. Yileyondlela-ke. Kutheleke komunye. Nakho la oya khona. NaKho. Manje, naso isikhathi sokuKwemukela, Kuselapho. Niyabo? Udumo! Impela Kuzotheleka kwabanye *lapho*. Akadunyiswe uNkulunkulu! Nakho lapho okhona. Amen. Kuthatha lokho-ke. Nango Ehamba, phezu komunye umuntu lapha manje, omunye, omunye. Ayidunyiswe iNkosi! Niyabo?

342 UyiQiniso. UyiNdlela, iQiniso, ukuKhanya, ukuPhila. Wemukeleni Usehlela kwabanye. Usekwabanye, Wemukeleni. Uya ndawo zonke, zonke, ndawo zonke, uMoya oNgcwele unjalo. Angixhuxhumi. Nginitshela iQiniso. Udumo! Kunjalo.

343 Hlalani naLo ngqo. Hlalani naLo ngqo. Nje hlalani lapho ngqo. Beningakami lapho imizuzu emihlanu. Hlalani khona lapho, "WaWethembisa, Nkulunkulu. Ngilapha ukuba ngiWemukele." Kulungile. Nanko. Yeluleka ngqo, uthi, "NgiyaWemukela. Nanku, Nkosi. NgiyaWufuna.

Ngi—ngisukume lapha. Ngiqotho. Ngikusho ngempela. Wangethembisa Wona." Amen. Udumo! Haleluya!

344 Qhubekani nje nikholwa, qhubekani nikholwe. Nithe nizongikholwa. UMoya oNgcwele, lokho kuKhanya, kulokhu kuhambahamba, phezu kwendlu. Kuyini na? Kuzingela omunye ozovuleka nge. Ngikhuluma iQiniso. Amen.

345 Zama ukuphakamisa izandla zakho, futhi uMdumisa. Uthi, "Nkosi, ngiyaKubonga. Unginika isithembiso. Ngizobambelela esithembisweni. NgiyaKubonga, Nkosi. NgiyaKubonga."

Ngi—ngiKubuka ngqo. Ayidunyiswe iNkosi!

346 Hlalani naWo ngqo. Hlalani lapho. "Nkosi, ngizohlala khona lapha. Angikhathali uma kusekuseni. Ngizobe ngimi khona lapha, ngiKudumisa. Ngiyazi UzoWuthumela. Lengqungquthela iyaphela, kulobubusuku, futhi ngilapha ngingenawo uMoya oNgcwele. Ngiyamuka ngisuka lapha, ngigcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ngakho ngisize. WaWethembisa. Ngizoma njengesikhombamoya. Ngizokwenza noma yini Ofuna ngiyenze. Kuphela, ngifuna uMoya oNgcwele. Nginqumile ukuWuthola."

347 Uma uzinikela ngokugcwele, Uzofika ngokugcwele. Kodwa uze uzinikele, Angengene ngokugcwele. Zinikele. Nikela imicabango yakho. Nikela ukucabanga kwakho. Nikela ukuphila kwakho. Nikela konke okwakho. Nikela isithunzi sakho. Nikela konke kuYe manje, futhi Uzongena futhi akugcwalise ngoMoya oNgcwele. Ukhonela ukuzokwenza lokho lapha. Usuvele utheleke kwababili noma abathathu lapha endlini. Kunabaningi kunalokho, abafuna uMoya oNgcwele. Qhubekani nje nikholwa. Udumo kuNkulunkulu! Kuphakathi kokuthi kulungile noma akulungile . . . ? . . . Thobisa ukucabanga kwakho uqobo. Thobisa izindlela zakho uqobo.

348 Hlala nje lapho ngqo, uthi, "Nkosi, ngikhona lapha manje. Uma UWunika omunye umuntu phakathi lapha kulobubusuku, UzoWunika mina, futhi. Ngi—ngizohlala khona lapha uze Ufike."

Lapho uphakamisa iphimbo lakho, izingalo zakho, impilo yakho, konke okwakho.

> Ngizwa uMsindisi wami ebiza,

Phakamisani izandla zenu bese nicula lelo kuYe.

> Ngizwa . . .

349 Bahlabelela ihubo, niyazi. "Sa- . . . " Uma Ekubizela kuMoya oNgcwele, zinikele manje. Nikela konke okwakho.

> Ngizwa uMsindisi wami ebiza,
> "Thatha isiphambano sakho, ulandele, uNgilandele."

Manje ulapha.

> La Eholela khona . . .

350 "La Engiholela khona, ngo . . . Ungihole kwaze kwaba lapha, Nkosi, ezinyaweni zami. Ngimi lapha."

. . . -llow,
La Eholela khona . . .

[UMfowethu Branham ukhuluma noMfowethu Shakarian—Umhl.]

Eholela . . .

351 Ngitshengise uMfowethu Demos nje. INgelosi yeNkosi yedlula. Ngathi, "Bhekisisa *lowo* wesifazane." Ngenkathi Kwedlula, uphakamise izandla zakhe *kanjalo*. Sikhombisile nje, uMfowethu Demos uKubonile, lapho Kuhamba kwedlula njengamanje, kuya kowesifazane khona lapha. Ngathi, "Mfowethu Demos, aWukuboni na? Nje kuhamba kuzungeza ngqo, endlini." Ngathi, "Kubhekisise lapho Kwedlula *lapha*." Inenekazi elincane laphosa izandla zalo phezulu.

352 Yinenekazi elincane elimile, ligqoke into engathi iyisikoshi esincane. Into ethile isanda kutheleka kulo nje, emizuzwini embalwa edlule, futhi liphakamise izandla zalo. Kunjalo, nenekazi na? Khona lapha nje, nezandla zalo ziphakeme, lapha emva kwenenekazi ligqoke ingubo ebhlu. NaKho. Niyabo? Ngani, akuphezu . . . Ngi—ngiKubuka ngqo. Manje, uma ngake nganitshela noma yini engalungile, ngitsheleni ukuthi kunini. Kulapha.

353 Bangani, ni—nifanele nisuke kuleyondlela yamaPentecostal enesitashi. Nifanele nife ngempela. Nifanele nikusho ngempela. Ni—ninento ethize, ni—ninokulamba okukhethayo, kodwa hhayi ukulamba kwangempela. Nifanele nikwenze kube ngokwangoqobo. "Kwathi uPetru esakhuluma lawamaZwi, uMoya oNgcwele wehlela kubo abaLizwayo." Zama ukuvala amehlo akho futhi—futhi ukhothamisa ikhanda lakho. Kucabangisise. Ngabe kukhona okungalungile na? "Nkosi, susa ukungakholwa kwami."

354 Manje lapha, namehlo asazofa . . . INgelosi yeNkosi, esithombe saYo siphakathi kwethu, sithwetshulwe ngubufakazi besayense, iNsika yoMlilo efanayo eyalandela abantwana bakwaIsrayeli. Lowo kwakunguJesu, ngenkathi Wayesefile, wembelwa, wenyuka wabuyela kuNkulunkulu.

355 USawulu, esendleleni ebheke eDamaseku, washaywa walahlwa phansi yileyoNsika efanayo yokuKhanya. Wathi, "Nkosi, UnguBani na?"

Wathi, "NginguJesu."

UJesu wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngabuyela kuNkulunkulu."

356 Nangu, namhlanje, uJesu ofanayo, ubonwa phakathi kwethu ngamehlo, wabanjwa yikhamera, wabonakaliswa eMoyeni. O,

mfowethu, dadewethu, yini enye futhi uNkulunkulu angayenza na? Ihora lomusa!

357 Ngifuna ukukholwa ukuthi uqotho. Ngiyakholwa unjalo, kodwa uzivalele wena ngci. Awuqotho ngokwanele ukuWemukela. Ngi . . .

358 Ngakho ngisize, Ukhona lapha endlini. Angiqambimanga.

359 Manje, usazithulisa umzuzwana nje. Ngabe noma ubani phakathi lapha uzwile be—bemukele uMoya oNgcwele na? Vayizelisa—vayizelisa isandla sakho, emuva naphambili. NgiWubonile, macala onke, phezu kwabantu. Busisekani. Busisekani. Nonke nikutholile ukubusiseka na? Amen. Babili, lowo bathathu. Kulungile. Bane. Kulungile. Bane abemukele uMoya oNgcwele ngesikhathi salesosihlambi. Abantu abane bemukele uMoya oNgcwele ngalesosikhathi. Pra-. . . Ayidunyiswe iNkosi. Niyabo?

360 Manje, imizuzwana embalwa nje edlule, beKuhamba. UkuKhanya kuvele *ngapha*, kubuyela *ngapha,* kwawelela *ngapha,* kwase kubuya futhi. Ngathi kuMfowethu Shakarian, “Woza lapha. Woza lapha. Lapha, lapha, kuBuke kuza, khona lapha. NgiyaKubhekisisa lapho Kuwela. Nanto inenekazi elincane lapho.” Futhi njengoba ngishilo nje, “Kuphezu ngqo kwalelonenekazi elincane.” Cishe ngalesosikhathi, lisho laziphosa phezulu izandla zalo, liqala ukudazuluka. BeKulapho. Niyabo? Kwavele nje kwawela ngqo, kwawelela ngqo kuleliyakhona, kubuya kujikeleza ngqo *ngapha*. AngiKuboni manje. Niyabo? Lelo yiqiniso empeleni. Nginitshela iqiniso. Niyabo? Futhi nanti, niyabo, abane bemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

361 Manje, uma niWufuna, Ungowenu. Ungowenu uma nje nivuma ukuvula nge.

362 Manje ni—ninawo u—u—umqondo wokuthi nifanele nenzeni. Ninohlobo lombono, “Awu, manje, uma ngizosukuma lapha, *lokhu*.” Qhabo, qhabo. Lokho, lokho kwenza . . . Ningahlala phansi. Akwenzi mehluko ukuthi ukuphi. Kodwa lapho ozozivula wena nge, uzobe-ke uMoya oNgcwele usutheleka.

363 Manje-ke, awu, ngezinye izikhathi Uqala ukukugcoba, futhi ungeke nje uholeleke wedlule naWo. Wena uthi ukwethuka kancane. Uyesaba. Uyahosheka. Zinikele wena nje, zinikele wena kuMoya oNgcwele.

364 Ungabesabi ubuhlanya. Uma kungudeveli enza, awucabangi ukuthi sizokwazi na? Ehhe. Yebo, mnumzane. Angeke eze ngapha. Ungakhathazeki ngalokho. Qhabo. A—akazukukhathaza.

365 Zinikele wena nje kuMoya oNgcwele. Uma uzwa lokho okukhazimulayo . . . Njengoba lomfundisi omncane washo ukuthi wenza ngalobobusuku, emile, lapho Into ethize

yamfudumeza wonke. Ukuba nje wayekade azi ukuthi azinikele kanjani yena ngayo leyonkathi. Yilokho kuphela. Uthi nje, "Nkosi Jesu, ngiyaKukholwa. NgiyaKwemukela." Khona-ke into ethize izoqala ukwenzeka. Niyabo? Ukusho ngokuvela enhliziyweni yakho, khona-ke kuyenzeka. O!

366 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UNkulunkulu abe nani. UNkulunkulu anisize. Ngifuna nina . . .

367 Bangaki abanye futhi phakathi lapha ofuna uMoya oNgcwele na? Asibone isandla sakho. Bangaki na? Oyedwa, ababili, abathathu, abane. O, he, he! Asikho isidingo sokuhamba ngaphandle kwaWo. Kunabayisishiyagalombili noma ishumi lapha, ishumi nanye. Cishe ishumi nanye, ishumi nambili, mhlawumbe, phakathi lapha, odinga uMoya oNgcwele, namanje. Akuthi . . . Ngiyazi singahle sishiywe yisikhathi, mhlawumbe ligamenxe elesishiyagalolunye noma into efana naleyo. Kodwa sine—sinenqwaba yesikhathi. Sinenqwaba nje yesikhathi. Sifuna usindisiwe, mngani. Sifuna ugcwaliswe. Khumbula, u—usindisiwe, kusobala. Uma wemukela uKristu, usindisiwe. Kodwa awuphendukile uze wemukele uMoya oNgcwele. Manje, uyakwazi lokho. Kunjalo.

368 UJesu watshela uPetru, ngobusuku bokukhashelwa. Wayesevele esindisiwe. Wathi, "Manje, emva kokuba usuphendukile, uqinise abafowenu." Kunjalo. O, impela. Wemukela uKristu njengoMsindisi wakho. Kodwa uma uphenduka, kulapho uguquka khona ngempela. Kunjalo. Futhi wayengakaguquki. Wathuka phambi kweNkosi, futhi waYiphika, nayo yonke into. Kodwa emva kokuphenduka kwakhe: "Emva kokuba usuphendukile, uqinise abafowenu." Kunjalo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yilokho okushiwo yimiBhalo, empeleni. Lokho kukwenza kube ngokuqinisileyo. UJesu watshela uPetru, owayekade eMlandelile, futhi wakhipha amademoni, futhi wenza izimangaliso, nayo yonke into, wathi, "Awukaphenduki nokho. Kodwa emva kokuba usuphendukile, khona-ke uqinise abafowenu." Kunjalo. Kuqinisile. Manje, kungani kunga . . .

369 Ngani, ubungasenqaba kanjani i—i—isimemo esinjengaleso pho? Singesakho. Angifuni ukukubona usuka lapha ungenaWo, mfowethu. Singahle singabi nayo enye ingqungquthela. Asazi. Asazi ukuthi yini esihlalele ngaphambili. Singahle singabinayo neze nenye. Uma nifuna ukuhlala phansi, futhi nikhuleke isikhashana, kukini. Kungukuthi noma yini enifuna ukuyenza, uma nifuna ukuhlala phansi, nifuna ukusala nimile. Sizokhuleka futhi. Nenze noma yiyiphi into encane enifuna ukuyenza, kodwa ngifuna nemukele uMoya oNgcwele. Manje, Ungowenu. Kungani abane baWemukele khona lapha, nabo bonke abasele benu bangawemukeli na? Niyabo? Uzofanele nje uzithobe, uvule nge inhliziyo yakho futhi—futhi ukukholwe ngempela.

370 Ngingahle ngingabi ngumyali okahle kulokhu. Inkonzo yami ngeyokukhulekela abagulayo.

371 Uphi umshumayeli wamaPentecostal lapha, omuny'umuntu, umshumayeli wamaPentecostal na? Phakamisa isandla sakho. Kuthiwani nga*lo*mfo lapha, owakhulekela abagulayo, omunye ngapha na? Woza lapha. Nansi indoda. Nga—ngazalwa kungakabi yisikhathi, ezikhundleni zamaPentecostal. Kodwa, lapha, ngifuna *le*ndoda lapha ukuba inikhulekele. Ngizoma eceleni kwayo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

372 [Umfowethu wamaPentecostal uza epulpiti, futhi uthi kulabo abamile, "Uma nizovumela uMoya oNgcwele wehlele kini, phakamisani izandla zenu." Yena lowomfowethu manje ukhuluma imisho eyisithupha emifishane ngolunye ulimi, usesuka epulpiti-ke futhi uqhubeka nokukhuluma ngolunye ulimi phakathi kwalabo abafuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele—Umhl.]

373 Hloniphani manje. Usehlele ukuyobeka izandla phezu komunye. Niyabo? Hloniphani ngempela nje. Ninga—ningaqalazi. Yibani nilokhu nibuka phezulu, nibuka phezulu, nibuka phezulu. Sizolokhu sikhuleka. Yibani nilokhu nikhuleka.

374 [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye umfowethu—Umhl.] Woza lapha, mfowethu. Thatha indawo yami, mfowethu, lapha. Ungabachazela khona. Uyabo? Wazi kakhulu ngakho kunoma ngazi mina. Kulungile. Woza nje, kukhiphe. Bakukhulekele, futhi woza ealtare manje. [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye.] Kulungile.

375 [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye umfowethu oze epulpiti—Umhl.] Kulungile, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Manje, uyazi ukuthi lokhu kwenziwa kanjani kangcono kunami. Ngizoma lapha bese ngikhuleka. Ungaba nika ezinye futhi iziyalo. Futhi . . .

